# *IMIBUZO NEZIMPENDULO*

Sanibonani kusihlwa, bangani. Bengikhuluma nomelusi wethu othandekayo, umfowethu. Ngi . . . ngiqagele bekuneminye elindile engingafinyelelanga kuyo; angibange ngisakwazi nje ukuqhubekela phambili. He, ngidatshulwe kakhulu yimibono. Niyabo? Futhi ibiminingi, cishe ishumi nanhlanu noma amashumi amabili kulentambama, nalokho kungidabula ngibe yizicucu. Nje ngelamela okuncanyana lapha nalaphaya. Ngiyaphuma; ngathi, "Mfowethu Neville, uma—uma ungaqhubeka, qhubeka; ngifuna ukuphuma ngithi nyelele bese ngiya ekhaya." Ngathi, "Sengizowa nje, ngisho nenhliziyo yami iyabhakuza, igxuma." Ngase ngithi, "Ngi—ngi . . . sekul'khuni nje nokuthi ngibe ngisama."

2 Wathi, "Mfowethu Branham, abantu kade engibuza ukuthi ubungaqedela yini ukuphendula leyomibuzo." Futhi ngi—ngi—angifuni neze ukudebesela emgqeni womsebenzi. Ngiyamthokozela uMfowethu Neville. Futhi mhlawumbe okwemizuzu embalwa ngizokwenza okwedlula konke engingakwenza. Futhi ngi—ngiyazi kukhona i . . . uBilly ungena lapho; ngathi, "Uyithole yonke na?"

3 Wathi, "Babayi, kukhona engamashumi amabili noma ngaphezulu esalokhu ilindile—ilindile." Ngakho angikwazanga ukuthola . . . Lokho ngabantu abayinqaba abathi ababe ngamashumini amathathu namhlanje, futhi cishe amashumi amabili-nanhlanu aleyomibono; ngakho ningazibonela ukuthi ngimi kuphi. Ngakho ngi—ngikhathele ngempela, nje ngokwengqondo ngikhathele ngempela. Kodwa sizokhuleka, sisuke siqale ngqo ngalemibuzo lapho esishiye khona. Bese kuthi-ke uma ngi . . . Uma ngiya eArizona nalena engqondweni yami, ngizokhathazeka ngaso sonke isikhathi. Ngizosheshe ngibuye impela, iNkosi ithanda, bese ngikhuluma ngendaba usuku olulodwa ngokukhulu ukushesha okungenzeka, ngokuqondiswa komshado nesahlukaniso. Asikhuleke.

4 Nkulunkulu othandekayo, Wena uyayazi inhliziyo yami, futhi Uyakwazi ukuzwa kwami; Wazi konke ngami. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu; kunabantu abaningi . . . Ngivele ngibayeke nje bahambe isikhathi eside, Nkosi; baningi kakhulu ababo. Kodwa ngijabula kakhulu ukuthi angikholwa ukuthi ubekhona oyedwa ongena namhlanje kepha ilowo osizakele. Ngikholwa ukuthi bonke baphume bejabule futhi benelisiwe. Izinto ebengingenakuziphendula qobo lwami, Wena wehla ngemibono wembula emuva ezimpilweni zabo (bahlezi lapha, abaningi babo, khona manje bekulalele futhi abaziyo ukuthi kuyiqiniso), futhi wembule kubo izinto ezazisemuva empilweni

ezazibangele izinto ukuba zenzeke. Bayazi, Nkosi. Akukho-ndlela ezweni kimi ukwazi lokho ngaphandle kosizo lwaKho.

5 Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi nakuba ngikhathele, kodwa ngiyajabula ngokuba yinceku yaKho. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobusisa labo akade bemi belindile, abaningi babo abebefuna ukungena. Futhi ngi—ngi—ngiyethemba, Nkulunkulu, ukuthi bazo—bazonakekelwa, uMoya oNgcwele waKho omkhulu uzobanika noma yini abanesidingo sayo.

6 Ngisize ukuba ngiqede lemibuzo, Nkulunkulu othandekayo, noma ngenze okwedlula konke engingakwenza ngayo, ukuze abantu baKho bazoba nemibuzo yabo isiphenduliwe. Ngibacele ukuba bayibhale. Bayibhalile, futhi ngizizwa nginesibopho sokuzama ukuyiphendulela bona. Ngakho ngikhulekela ukuthi Uzongipha amandla ukuze ngikwazi ukwenza umsebenzi wami engiwumiselweyo kuWe nakubantu. EGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

7 Manje, sizoqala khona phakathi lapho esishiye khona kulokhu ukusa. Eminye yalena ngingahle ngingakwazi ukuyifunda, ngenxa yokuthi . . . ngithe ukusha izwi kancane, ngoba kade ngikhuluma kakhulu impela. Bangaki obesekubonweni okufihlakele namhlanje omthokozela ngempela uNkulunkulu eninika oku . . .? Niyabo? Lokho ngokuhle ukwedlula konke kwakho, yilezo uhlobo lwezinkonzo. Izinto ofuna ukuzazi nezinto ebifihliwe empilweni imbuliwe futhi yashiwo.

8 Futhi—futhi khumbulani, eziningi zalezizinto . . . Manje, abaningi benu bayazi ngempela kunezinto eziphoxanayo eshiwoyo futhi yakhishwa, kodwa akukho-muntu neze okwaziyo lokho kodwa imina noNkulunkulu. Futhi enitshelwe khona, lokho kufanele kube phakathi kwenu noNkulunkulu; kuyekeni kanjalo nje. Futhi . . . Bangaki kini abaziyo ukuthi iNkosi yembule izinto leyo ebi . . . leyo eyenziwe, ukuninika usizo na? Phakamisani izandla zenu uma kuninikile. Niyabo? Ngingazi ngisho abantu, lutho ngabo, kodwa I—Ikwenzile.

9 Manje, asifinyelele emibuzweni ngokukhulu nje ukushesha okungenzeka manje bese sibona ukuthi singayithola yini i . . . Kukhona omunye futhi olapha ndawondawo. Uthi, "Owesithathu." Ngikholwa ukuthi yincwadi; kunjalo, yincwadi nje. Ngiyaxolisa. Ngizoyibeka ngapha lapho ngiza kuyo, futhi ngicabanga ukuthi . . . Yebo, mnumzane, lena yincwadi nayo. Futhi ithi, "Imibuzo," kodwa ngikholwa ukuthi yincwadi, umbuzo osencwadini. Qhabo, akusiyo, ngumbuzo ngephupho. Kulungile, ngizolifunda iphupho, ngizobe-ke sengibona uma iNkosi inginika incazo yalo, bese ngiyedlulisela kuwe ngengingakwenza impela nje. Ngiqagele unalo ikheli lakho.

Ake sibone ukuthi yilo yini; uma kungesilo, ngizocela usho ikheli lakho, umuntu onalombuzo ne—nephupho. Qhabo, awunalo.

10 Noma ngabe ubani obhale incwadi (nje ine...ibhalelwe mina nje), nikeza uBilly ikheli lakho, ukuze kuthi uma sengisendleleni yami ngiphuma ngiya eArizona, ngizongena ogwadule bese ngikhuleka. Futhi uma Inginika incazo, ngizokwazi ukuthi ngifanele ngiyibhale iye kubani (uyabo? Ngaphandle kwalokho kulapho ukunikeza ukuhu-...) uma Iyinikeza. Kodwa angeke ngiyisho ngaphandle uma ibakhona, ngoba ngingakwenza kuphela; khona-ke ngiyazi ukuthi izoba ngeqinisile. Manje.

**376. Ngabe uMlobokazi uyo, labo abakholwa loMlayezo, uphuma aye entshonalanga, ekugcineni abuthane lapho, ngiqonde ukusho njalo?**

**377. Futhi ngabe i** (Manje, umzuzu nje, lena yi...letha... Umzuzwana nje. O! Qhabo, akusikho, kuno "R-e-v." Bengicabanga...Yisahluko seSambulo, futhi kubukeka njengo "Mfu. Capps," futhi bengi—ngi—ngithe nje kancane—ukudideka kancane ngakho. Kuyi...Uma ningakubona, impela kubukeka njengakho. Niyabo? Bekungu "Mfu. Capps" kwase-ke kuqhubekela phambili lapha...Qhabo, kulungile.) **ISambulo isahluko 12, kukhuluma ngoMlobokazi na?**

11 Qhabo! "Manje, ngabe uMlobokazi ekugcineni uphuma aye entshonalanga, ekugcineni na?" Chabo ngokwazi kwami ngakho; uMlobokazi usemhlabeni wonke, umhlaba jikelele. Manje, wonke umuntu okuqondayo lokho akathi, "Amen!" [Ibandla liyaphendula, "Amen!"—Umhl.]

Akunandaba ukuthi ukuphi, ufelaphi, noma ngabe kuyini, uma ufela kuKristu, uNkulunkulu uyokuletha naYe. Akunandaba noma ushiswe waphela, udliwe uphele, ubhujiswe, noma ngabe kukanjani, uNkulunkulu uyokuletha noKristu uma Efika. Anidingi ukuba nibuthane entshonalanga kumbe nomaphi. Lapho iNkosi ikuholela khona...

12 Nokho, uma kuthi yiya entshonalanga, angikucacise nje ngempela lokho manje, ngaphambi kokuba ngihambe. Manje, ngakho...(Ngabe bayawuteyipa lomlayezo na? Bayawuteyipa? Kulungile.) Ningangivumeli nginitshele ukuthi yanini kuphi. Uma kuthi phumela entshonalanga, phumela entshonalanga. Uma kuthi yiya empumalanga, enyakatho, entshonalanga, eningizimu, yana lapho iNkosi ikuholela khona. Wonke umuntu okuqondayo lokho thanini, "Amen!" [Ibandla liyaphendula, "Amen!"—Umhl.]

13 Angizami ukutshela muntu ukuthi akangayi kuphi. Uma uphumela eTucson, eArizona, lapho engakhe khona okwesikhashana ngalesisikhathi...Njengoba nginitshelile kulokhu ukusa, ngikhumbule ekhaya ngingenalo ikhaya

engingaya kulo. Bengifisa sengathi bengingaba nomunye, enye indawo ebengingayibiza ngekhaya ukuba ngiye kulo. Uma, kulobubusuku, ukuba benginamadola ayizinkulungwane eziyishumi futhi nginikele indawo ye. . . futhi ngiyinikele ngesihle ngenye indawo ebengingathi, "Yilendawo engifuna ukuyibiza ngekhaya," Bengingayinikela ngesihle. Anginandawo.

Mfowethu Fleeman, nje ngi. . . usungaze kusukela ngisengumfana; ngi—ngi—ngiwuzulane. Ungalokothi neze uphenduke uzulane; thola indawo ethize oyithandayo bese uzinza; linda iNkosi uJesu.

14 Kodwa uma ufuna ukuphumela entshonalanga eTucson, eArizona, lapho engakhe khona, wemukelekile; ngingajabula ukuba nawe. Ungumfowethu, udadewethu. Ngiyokwenza noma yini ezweni ukuba ngisize. Futhi—futhi nonke ophumele lapho, ngizame ngawo onke amandla ami ukunenza nemukeleke, futhi nginikhombise yonke into ebengiyazi, futhi nginihambahambise, ngenze konke engingakwenza. Futhi nemukelekile njalo.

15 Kodwa uma uphuma phansi kwalezizimo, ucabanga ukuthi uMlobokazi noma okuthize uzokwenyuka esukela eTucson, eArizona, futhi lapho kuphela, uyaphaphalaza. Ungaphumeli lokho, ungezeli lokho, ngoba lokho ngukweduka. Lokho akulungile.

16 Manje, iSambulo isahluko 12. . . Kodwa into eyodwa nje iNkosi eyembula kimi noma eyikhuluma kimi njenge. . . Ngisanda kuphuma kuyo nje leyomibono (niyabo?), futhi kuthi ukuba l'khuni ukukudedisa. Niyabo? Kodwa Ibonakala ikhuluma kimi futhi ukuba ngisho futhi okuningi ngalokhu ukuphumela entshonalanga.

17 Manje, njengoba ngishilo ngaphambili, angikho phandle lapho ukuba nje ngibe phandle lapho, ngiphandle lapho ngoba ngiholeleke ukuba ngibe phandle lapho. Kodwa ukuhlala phandle lapho, ukukwenza kube yikhaya lami, ngicabanga ukuthi lokho akulungile. Qhabo, ngicabanga ukuthi nje angeke kube yisikhathi esifishanyana kuze kuthi inhloso kaNkulunkulu engithumele lapho izozuzwa. Ngeke nganitshela lapha ukuthi yingani ngihamba, kodwa ngeke ngahamba nje ukuba ngihambe.

18 Kwabuzwa embuzweni ngolunye usuku: "Siyazi ukuthi kungani kuqala waya eArizona, kwakuyilezo ziNgelosi ezabonakalayo. Kungani wabuya okwesibili na?" Niyawukhumbula lowombuzo ufundwa na?

19 Bangaki okhumbulayo ngenkathi ngibuya emva kwalokho futhi ngangihlezi lapho ngaphambi kukaDr. Lee Vayle (ngikholwa ukuthi ukhona endlini ndawo ndawo) nomkami na? Futhi ngangikhuluma ngeArizona nangathi sihlala lapha,

futhi nakho kuvela isandla odongeni nokukhanya futhi sabhala ngamagama, "Buyela eArizona." Bangaki okukhumbulayo lokho na? Yingakho ngibuyele lapho. Ngingazi ukuthi ngibuyeleleni, futhi ngenkathi ngifika lapho, Wayesembula ukuthi ngibuyeleleni emuva. Futhi uma ngikusho, khona-ke uSathane uzokuvimba. Kodwa akayazi inhliziyo yami. Akasilo iZwi, ngakho akayazi inhliziyo yami. Kodwa uma ngikukhuluma, khona-ke uyakuzwa. Ngakho manje, kukhumbuleni lokho.

20 Manje, ngenkathi ngisho ngolunye usuku, ngathi ukukwenza. . . Kuthi ukuthi mhlawumbe ungahle ucabange okungesikho; ngathi, "Ungezi eArizona." Niyabo? Ngangingakuqondile, "Ungezi!" Engangikuqondile kwakungukuthi: Uma uholeleke ukuba uze, qhubeka futhi ukwenze, uma uholekela eCalifornia, eArizona, noma ngabe ukuphi. Kodwa uma uya lapho, uthi, "Mfowethu Branham, ngiya lapho, ngoba ngikholwa ukuthi uzohlala lapho bese ushumayela iZwi," ngikholwa ukuthi unephutha lapho. Uyabo? Lapho ukushumayela kwami okukhona, kukhona lapha kulelitabernakele; nansi indawo.

21 Anginayo inkonzo eyodwa eArizona. Futhi angikho eArizona kodwa nje amahora ambalwa ngasikhathi. Angina. . . Nginomhlangano weBusiness Men emva kukaKhisimuzi, ukuqala konyaka, ePhoenix. Yilokho kuphela enginakho; ngakwethembisa lokho, akukho okunye.

22 Umhlangano wami olandelayo, ngokwazi kwami, kukhona lapha eMgwaqeni ka 8 Penn eTabernakele likaBranham. Nginezindaba ezingamashumi amathathu noma amashumi amane engaziyo ukuthi zingathatha iviki noma amabili ngesikhathi ukuziqeda, enginazo enhliziyweni yami ukushumayela lapha eTabernakele likaBranham, khona lapha eJeffersonville, eIndiana.

23 Futhi manje, uma ufuna ngempela ukuya ndawo ndawo ukuyohlala neZwi, lapho uMlayezo wethu. . . NoMlayezo wethu awehlukile, nguMlayezo ofanayo enibe nawo yonke impilo yenu, kuphela enyi'nto ethize embuliwe kuWo. LoMlayezo nguMlayezo ofanayo nowashunyayelwa nguLuther, uMlayezo ofanayo owashunyayelwa nguWesley, uMlayezo ofanayo owashunyayelwa ngamaPentecostal, kuphela kwenezelwe into ethize kuWo. Kuyini, ngukwembulwa kweziMpawu, abaguquli abazishiyayo (niyabo?), ezazisiwe ngalolusuku ezazingenakwaziwa ngalesosikhathi. Umlayezo wamaPentecostal wawungenakwaziwa ngezinsuku zikaLuther noma uWesley; wawufanele ukulinda kuze kube unyaka wamaPentecostal. Kodwa unyaka wePentecostal awulutho kodwa nje ukuqhubekela phambili konyaka wamaLuthela. Njengommbila nje uvuthwa kumbe noma yini enye, lenzenjalo nebandla.

24 Ukuba bengishumayelile kulobubusuku, bengizoshumayela ngendaba, kumakiwe lapha eBhayibhelini, "*Umvini owawukade wedluliswe usuka eGibhithe wayongena ePalastine.*" Bangaki kini abake bazi ukuthi uNkulunkulu wayeshilo ukuthi uIsrayeli wayengumvini waKhe na? Bese-ke ngithathisela emuva kusukela kulokho kuya kuJesu enguMvini. NeBandla manje ledluliselwe ezweni, alihlezi phansi othulini, kodwa lihlezi phansi kuKristu, elizothela isithelo. Niyabo? Nalokho bekufanele kube ngumlayezo wami wakulobu ubusuku ukuba bengizoshumayela. Kodwa ngicabange ukuthi kungcono ngithole lemibuzo, ngakho ngivele nje ngakushiya lokho. Ngizokuthola lokho mhlawumbe uma sengibuya.

25 ISambulo isahluko 12 asiqondene noMlobokazi. ISambulo isahluko 12 (angikakakubuki kodwa ngiyakwazi), ngowesifazane emi elangeni nenyanga iphansi kwezinyawo zakhe. Inyanga yayimele umthetho; owesifazane wayemele uIsrayeli, ibandla; nezinkanyezi eziyishumi nambili ebunzini lakhe kwakungabaphostoli abayishumi nambili, iminyaka yebandla eyishumi nambili, kanjalo kanjalo, osekwedlule nje. Niyabo? Nelanga lalisekhanda lakhe. Okubonayo, inyanga iyisithunzi selanga, okunguthi umthetho wawuyisithunzi sezinto ezinhle ezizayo. Nalowo wesifazane nguIsrayeli, hhayi uMlobokazi.

Manje angizikusichitha isikhathi esiningi kakhulu, ngoba ngizofanele ngiyitholele ukuba yenziwe.

**378. KwabaseRoma 7:14-18, "Siyazi ukuthi umthetho ungowomoya: kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono. Ngokuba engikwenzayo—kwenzi: ngokuba engikwenzayo, akusikho lokho engikuthandayo; kodwa lokho engikuzondayo, yikho engikwenzayo. Kepha uma ngenza lokho engingakuthandiyo, ngi** (n-g-a-k-w-e-n-z-. . .) **e—emthethweni, ngiyawuvumela umthetho, ukuthi muhle. Kodwa kalokhu, akuseyimi engikwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi." Lokhu angikuqondi.**

26 Awu, babhale umBhalo; lowo nguPawulu ekhuluma kwabaseRoma. Manje wathi . . . Ake ngithi nje ukukupholisha ukuze nikubone. Wathi, "Kimi kunabantu ababili: kunjalo, oyedwa ufuna ngikwenze; okungafanele, oyedwa ufuna ngenze. Futhi ngaso sonke isikhathi uma ngiqala ukwenza okufanele, bese ngivinjelwa okungalungile."

27 Bangaki kini bantu ezingxoxiswaneni kulentambama ohambe kuleyonto efanayo, futhi kulokhu ukusa (niyabo?), into efanayo na? Ngikhulume ngakho kulokhu ukusa, ngokwesikhashana.

28 Wena ungumuntu wangaphandle olawulwa yimizwa eyisithupha; wena ungumuntu wangaphakathi olawulwa umuzwa owodwa ongukukholwa. Nalokhu ukukholwa

kuyaphikisana nayo yonke imizwa eyisithupha uma imizwa eyisithupha ingavumelani nokukholwa. Kodwa owodwa uphambene nomunye. Manje, inqobo nje uma imizwa eyisithupha ivumelana nokukholwa, kuyamangalisa; kodwa uma imizwa eyisithupha iphikisana nokukholwa, khona-ke ishiye kanjalo imizwa eyisithupha.

29 Manje, isibonelo nje lapha, uJesu wenza inkulumombiko, isithembiso. Umuntu ongaphakathi uthi lelo yiqiniso; umuntu ongaphandle uzindla ukuthi ngeke kwaba yiqiniso kuwe, bese ungamnaki umuntu ongaphandle bese wemukela umuntu ongaphakathi. Manje, leyo yinto efanayo uPawulu akhuluma ngayo. Wathengiswa phansi komthetho esonweni senyama. Thina sonke siyafana. Yingalesosizathu si . . . sinezinkathazo esizenzayo, zokushada kane noma kahlanu, na*lokhu,* na*lokho,* ne . . . zonke izinhlobo zesono, neziphingo, nakho konke okunye okuhambisanayo ezimpilweni zethu, yingenxa yalezozinto. Singabenyama, naleyonxenye ifanele ibhubhe; kodwa manje-ke, ngaphakathi, singumuntu ongumoya, umphefumulo ngaphakathi, nalokho ngukukholwa eZwini likaNkulunkulu; bese-ke siletha umzimba wethu ongaphandle phansi kokuthobela iZwi ngokukholwa, ngokwemukela lokho okushiwo nguNkulunkulu.

30 Ngingawuthatha kanjani ugudluthukela bese ngenza uhlamvu lukakolo ngawo na? Akunakwenzeka kimi ukuba ngikwenze. Indlela kuphela okungaba ngayo yingoba ngaphakathi kulowogudluthukela ususiwe ekubeni ngugudluthukela-kolo . . . ugudluthukela waya ekubeni yimbewana ebizwa ngokuthi "ukuphila kukakolo." Bese-ke ummbela lowogudluthukela, futhi uyoveza uhlamvu lukakolo (kunjalo. Niyabo?), ngoba bekukhona ukuphila kukakolo kufakwe kugudluthukela. Nokuphila kukagudluthukela kukhishiwe; kodwa imvelo kagudluthukela isalokhu inamathela (niyabo?), futhi kuyoba njalo kuze kuthi lokhu ukuphila okusha kukhule ngokugcwele emhlabathini bese kuvuswa futhi. Uma sekuvela, khona-ke akusesiwo ugudluthukela, kodwa ukolo—kodwa ukolo. Kodwa ngenkathi uselapha emhlabeni ne . . . e . . . uphuma emhlabeni . . . Nogudluthukela, usalokhu unamathela, kodwa usemvelweni ngaphakathi kwalowokolo.

31 Inqobo nje uma usekulokhu ukuphila, uzoba ngonamathelayo futhi ube nemvelo yenyama ezokuhlupha inqobo nje uma uphila; kodwa ingaphakathi lakho, uzelwe ngokusha. Futhi uma usuvuswa, usekufaneni noKristu naso sonke isono sesisukile kuwe. Uyabo? Yileyo—yileyo into.

32 Mangisho lokhu? Kuzwakala njengehlaya. INdiya . . . Angabantu abaxake kabi. Futhi ngi . . . Awaxakile; ayinqaba kithi; kodwa abonakala ekahle kuwo uqobo. Futhi uma uthola ukuwazi, akahle. INdiya lake labuzwa ngesinye isikhathi ngenkathi lisindiswa . . .

33 Ngiyalikhumbula elilodwa ePhoenix, eArizona. UBilly wayehla ukuyonikezela ngamakhadi omkhuleko. Ngokuvamile uma lapho bese enikezela ngamakhadi omkhuleko. Nalabobantu okwaziyo ukugijimela phezulu lapho bese edumela ikhadi lomkhuleko . . . Ngenkathi a—abantu abakahle ngempela baba nokuphathwa yikhanda, ukuphathwa yizinyo, noma okuthize okungalungile ozwanini lwabo, bana—banamakhadi omkhuleko, Mfowethu Ruddell. Futhi ngenkathi—ngenkathi bekwenza, khona-ke emgqeni womkhuleko, into kuphela enginayo, umuntu ophethwe yikhanda, omuntu owayenento engalungile ngozwani, nento efana naleyo. Futhi kwakunabantu behlezi lapho bebulawa ngumdlavuza nezinto abangawutholanga umugqa womkhuleko. Ngathi, "Billy, yehlela lapho bese ubuza labobantu ukuthi yini engalungile ngabo. Futhi uma bengenawo umdlavuza, noma esinye isifo esibi kabi, noma into ezobabulala, ungabaniki amakhadi omkhuleko. Yenyusela labobantu lapho kulowomugqa womkhuleko ozo . . . oselungele ukufa uma engalutholi usizo oluvela eNkosini. Makuthi labo abanye balinde nje. Bangenise ngomugqa osheshayo noma okuthize. Kodwa dedela labobantu oselungele ukufa . . . " Ngathi, "Babuze."

Wathi, "Awu, uthe, 'Nje shova amakhadi bese ubanika wona.' Yilokho ebengikwenza."

Ngathi, "Kodwa uthola labobantu bagijimele lapho ngaphambi kwabo, futhi bathola . . . Labo abakhubazekile bandla nezinto azikwazi ukubathola."

"Kulungile, ngizokwenza."

Uyehla; kwakukhona iNdiya elidala (futhi ayinqaba ngempela), lalingahlali phansi esihlalweni. Balinika isihlalo, kodwa lahlala phansi kwiphansi ethendeni. Lalithwele isigqoko; lalingasethuli; lalinophaphe luhlonywe ngemuva kuso, lihlezi lapho nje.

UBilly wenyukela kulo, wayesedlula ngakhona, wayesethi, "Ufuna ikhadi lomkhuleko na?"

"Mm."

Wathi, "Uphethwe yini, Nduna."

Lathi, "Mina ngiyagula!"

Wathi, "Kodwa uphethwe yini na?"

Lathi, "Mina ngiyagula!"

Wathi, "Kodwa ngifuna ukwazi ukuthi uphethwe yini!"

Lathi, "Mina ngiyagula!"

34 Yilokho kuphela ayengakuthola kulo, wathi, "Kulungile, ngizobuya emva kwesikhashana." Ngakho uBilly wayehamba hamba ebuza abantu. INdiya elidala lalilokhu liwabhekisisa amakhadi omkhuleko eya ngokuncipha ngokuncipha. Njalo uma

ewakhipha ephaketheni lakhe ayethe ukuncipha kancanyana. Ngakho emva kwesikhashana, iNdiya elidala lasukuma, lase liya ngale, lase liqwaqwada uBilly emhlane ukumkhumbuza ukuthi lalikulokhu nalo. Wathi—wathi, "Nduna, uphethwe yini na?"

Lathi, "Mina ngiyagula!"

Wathi, "Awu, Nduna, ufanele ungitshele. Ubabayi uthe lamakhadi ngingawaniki abantu abanga . . . nje abebene, njengokuphathwa yisisu, nokuphathwa yikhanda, nezinto. 'Nikeze abantu obegula ngempela.'" Wathi, "Ugula kanjani, Nduna na?"

Wathi, "Mina ngiyagula." Walihlalisa phansi futhi ngaphambi kokuba a . . . amakhadi akhe lase lithi aliphele ngempela. Imizuzwana engangemibili . . . Lalilokhu liwabhekisisa lawomakhadi. Liyabuya lase limqwaqwada futhi. Laphakamisa isandla salo. UBilly wabeka ikhadi esandleni salo, wathi, "Nduna, hamba ubhale lapho, 'Mina ngiyagula.'"

35 Langena emgqeni womkhuleko, futhi ngangilikhulekela, ngase ngithi, "Uyakholwa, Nduna na?"

Lathi, "Kunjalo."

Ngase ngithi, "Awu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na?"

Lathi, "Kunjalo."

Ngathi "Uyoba ngumfana omuhle?"

Lathi, "Kunjalo."

Ngahlangana nalo evikini kamuva. UMfowethu Fred Sothmann ngikholwa ukuthi wayekhona. Kwakungenkathi be . . . futhi ngenkathi umhlangano wethende uqhubeka. KwakuyiPhoenix. Futhi ngahlangana nalo kamuvanyana evikini; ngathi, "Uphila kahle, Nduna na?"

Lathi, "Kunjalo." Ngithola ukuthi, ngakhuluma no . . . Kwakungubani igama lalesosithunywa senkolo enhla lapho, lelokhehla namadevu amhlophe, enhla lapho eApaches na? Angisalikhumbuli igama laso. Awu, singumfo omdala okahle. Umkaso waphiliswa kumdlavuza, niyazi. Sathi, "Mfowethu Branham, yilokho kuphela elingakusho." Sathi, "Ngalifundisa ukuthi lithi, 'Mina ngiyagula.' Yileyonto kuphela elalingayisho, 'Kunjalo.'" Ngakho lokho ku—lokho kungakho, niyabo. "Kunjalo. Mina ngiyagula!"

36 Omunye wangitshela ukuthi wayenalo, elilodwa, ngesinye isikhathi, laphenduka, lemukela uMoya oNgcwele, futhi wathi kulo, "Uqhuba kanjani na?"

Lase lithi, "Kuhlanyana futhi kubanyana."

Wathi, "Awu, usho kanjani ukuthi kubanyana futhi kuhlanyana na?"

Lathi, "Awu, selokhu mina ngemukela uMoya oNgcwele," lathi, "bekunezinja ezimbili kimi, nenye yazo inja emnyama nenye yinja emhlophe." Lase lithi, "Ziphikisana ngaso sonke isikhathi." Lathi, "Ziyabhavumula futhi zilwe zodwa." Lase lithi, "Inja emhlophe ifuna ngenze okuhle; inja emnyama ifuna ngenze okubi."

Wayesethi, "Awu, Nduna, iyona yiphi enqoba impi na?"

37 Lathi, "Lokho kuya ngokuthi yiyiphi iNduna eyiphakela kakhulu." Ngakho ngicabanga ukuthi leyo yimpendulo enhle lapha. Niyabo? Lapho kuya ngokulwa komzimba okuwe; kuya ngokuthi yimuphi owulungisela ukudla, iyiphi imvelo oyilungisela ukudlala, imvelo yokwenyama ezintweni zezwe, noma imvelo yokomoya ezintweni zikaNkulunkulu. Lokho kuyakwenza.

**379. Ngabe yonke indodana kaNkulunkulu ingagcotshwa kakhulu ize ikwazi ukwenza izimangaliso, izibonakaliso, izimanga, noma ngabe lokhu nje...ngabe kuseziqondisweni zikaMoya oNgcwele na?**

38 Yebo, kuseziqondisweni zikaMoya oNgcwele. Uma uyindodana kaNkulunkulu, noma indodakazi kaNkulunkulu, noma ngabe uyini, nxa umukele uMoya oNgcwele, khona-ke uMoya oNgcwele ukuqondisa ukuba wenze izinto.

39 Anginaso isikhathi. Ngifisa nje sengathi benginganixoxela izindatshana. Ngaso sonke isikhathi uma ngicabanga ngakho, nje ngivele ngikwedlule. Kodwa ngicabanga ukuthi lokhu kuzobambelela umzuzu nje.

40 Kwakusezansi eMeridian, eMississippi. Abaningi benu bantu bakamunye, uMfowethu Bigby wayebambe...wayexhasa imihlangano yami, ungumfowethu ongokamunye. Futhi ngobunye ubusuku emhlanganweni, uBilly Paul wayewelele enkundleni evalekile futhi wayenikezele ngamakhadi omkhuleko. O, laliyidliva imvula. Nabantu wayeme ngaphandle nesambulela nezinto. NoBilly unikezela ngamakhadi omkhuleko, futhi kwakukhona i...Wase-ke ezongilanda. Futhi kwathi kusekhona...kwathi eza ezongilanda, kwakukhona inenekazi elincane elahlala phansi ngaphambili, futhi kwakukhona elinye inenekazi lihamba nengane encane, lizama ukuyithulisa. Nalelinenekazi elincane lihlezi lapho ligqoke ingubo encane kakaliko, noma ngabe kwakuyini, lalingumama nalo. Futhi lalibona lelinenekazi, noMoya oNgcwele wakhuluma kowesifazane, into ethize enhliziyweni yakhe, "Hamba ukhulekele leyangane."

41 "Awu," lathi, "ngokulandelayo uma ledlula, ngizohamba ngiyoyikhulekela." Futhi ngenkathi ledlula futhi, inenekazi laliphethe ikhadi lomkhuleko. "O," lathi, "A—angikwazanga ukukhulekela leyongane." Lathi, "UMfowethu Branham uzoyikhulekela leyongane kulobubusuku. Futhi

mina ngingubani ukuba ngikhulekele ingane uma uMfowethu Branham ezoyikhulekela na?" Manje, lokho kwakungukuhlonipha ngokuzithoba, nalokho kwakukuhle, kodwa lokho ngeke njalo kwaba yintando kaNkulunkulu. Ngezinye izikhathi kwehlukile.

UMoya oNgcwele waqhubeka nokulitshela, "Hamba ukhulekele leyongane."

Ekugcineni lacabanga, "Lowo wesifazane uzongidicilela phansi. Azi ukuthi unalelokhadi lomkhuleko, akazukufuna ukuba ngikhulekele leyongane. Ulethe leyongane lapha, hhayi ukuba ikhulekelwe yimi, kodwa ukuba uMfowethu Branham ayikhulekele."

Ngakho uMoya oNgcwele waqhubeka uthi, "Hamba ukhulekele leyongane."

Ekugcineni lathi, "Awu, ukuba ngizikhulule ngizovele nje ngisho . . . Ngizoyinika isihlalo sami." Ngakho lathi, "S'thandwa (oyedwa umama omncane ekhuluma nomunye), unga—ufuna . . . unaleyongane . . . " Lathi, "Ungeza, uhlale phansi lapha, uthathe isihlalo sami na?"

Lathi, "O, S'thandwa, angifuni ukuthatha isihlalo sakho." Lathi, "Ngizama ukuthulisa ingane."

Lathi, "Kodwa ubukeka ukhathele kakhulu futhi ukhandlekile."

Lathi, "Nginjalo."

Lathi, "Awu, hlala phansi lapha futhi uthathe isihlalo sami." Lase lithi, "Ngiyabona unekhadi lomkhuleko. Mhlampe u . . . uMfowethu Branham uzokhulekela ingane yakho na?"

Lathi, "Sithemba ukuthi lenombolo izobizwa."

Lase lithi, "Awu, nami ngiyethemba." Lathi, "Dadewethu, ungumKristu na?"

Lathi, "O, yebo!"

Lathi, "NgingumKristu nami." Lase lithi, "Selokhu kusukela ngihlale lapha, uMoya weNkosi ubungitshela, 'Khulekela leyongane.' Unganginika imvume na? Ngiyazi uMfowethu Branham uzoyikhulekela leyongane uma ibizwa. Futhi ulokhu nje ubambe ikhadi lakho, uzokuthola." Lathi, "Kodwa uma ngibeka izandla zami phezu kwengane, bese nje nginikeza umkhuleko omncane ukuba ngizenze ngizizwe ngingcono, futhi ngiphume phansi kwalokho okungibizayo, kunga—kungakukhuba na?"

42 Lathi, "Ngani, impela ngeke, S'thandwa. Ikhulekele ingane." Futhi kwakuyingane encane el'hlaza s'bhakabhaka, futhi ngakho i—inenekazi elincane layikhulekela. Linikeza inenekazi isihlalo salo, lase likhwela lenyukela kuvulande osesitezi sesithathu futhi lalimile. Omunye umfowethu ongumKristu

phezulu lapho, engumnumzane ohlonipheke ngokwenele ukuba asukume bese enikeza lelinenekazi isihlalo, ngakho lahlala phansi.

43 Cishe sekuyingxenye yehora kamuva, ngingena emhlanganweni, ngakhuluma imizuzu embalwa, ngabiza amakhadi omkhuleko; nalona wesifazane wayengowesithathu noma owesine emgqeni naleyongane. Wayesehlala lapho, wayesethi, "O, ngiyabonga, Nkosi. Manje, ngimdabukele kakhulu lowomama omncane, ngikholwa ukuthi ingane izosinda manje, ngoba uMfowethu Branham . . . Owesithathu nje noma owesine, uzofika kulowo." Lathi, "Ngiyabonga, Nkosi," umama omncane ehlezi phezulu lapho, ezwela leyongane. Kulungile.

44 Kwase kuthi ngenkathi ngenyuka, ngaqala ukukhulekela ingane, ngenkathi inenekazi lenyuka, ukuthi, ngalibheka ngase ngithi, "Manje, ingane yakho iyingane el'hlaza s'bhakabhaka. futhi uyilethe lapha ukuba ikhulekelwe. Futhi manje, igama lakho ungu Nkk. *S'bani-bani,* futhi uvele endaweni e*Thize-thizeni*; kodwa ingane isivele iphilisiwe. Bekunowesifazane obenomthwalo enhliziyweni yakhe ogama linguNkk. *S'bani-bani*, ohlezi phezulu lapha kuvulande osesitezi esingaphezulu (owokuqala ekugcineni komugqa wesine kuvulande wesithathu osesitezi esingaphezulu), ukhuleke umkhuleko wokukholwa wengane; nengane isivele iphilisiwe." Wacishe impela nje waqumbeka phansi esihlalweni sakhe. Niyabo?

45 Manje, ukuba-ke wayengakwenzanga lokho na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, lowo wesifazane ubeyoba nozwelo oluningi ngaleyongane, umama enganeni kunoma bengiyoba nalo ngengane. Niyabo? Nomama eyi . . . Niyabo?

46 "Ngabe sonke singazenza izimangaliso na?" Yebo. Uma uqondiswa nguMoya oNgcwele ukwenza izimangaliso, hamba ukwenze, ngoba nguMoya oNgcwele oqondisile.

47 Manje, uma lowo wesifazane wayengakuthathanga uNkulunkulu ayemtshele khona, mhlampe kwakuyobakhona ukusola kuMoya kuye (niyabo?), futhi wayeyobe akamlalelanga uNkulunkulu. Njalo, uma ungumKristu nento ethize ikugqogqa ukuba wenze into ethize, hamba uyenze. Hamba uyenze; ungayingabazi; hamba uyenze.

"Ngithanda ukubuza umbuzo. Ngabe . . . " Nanku omunye wayo, kumbe noma ngithole ongesiwo . . . Ya, ngi . . . lowo yilowo walokhu ukusa. "Owesifazane egqoka amapijama, ngabe kuyizingubo zabesilisa na?" Sengathi uxovekile ngapha kulena eminye.

"Mfowethu Branham, ngabe kwakunguNkulunkulu enza into . . . ngabe kwakunguNkulunkulu . . . ngabe ngangenza into eyenzeka ngenkathi iteyipu . . . " O, yebo, sibe nawo lowo kulokhu ukusa. Ngahle ukuba ngibe neminye yaleyo isixovekile. Bengifanele ngiyidabule, kodwa nje ngiyakuzonda ukukwenza.

**380. Mfowethu Branham, obani abayogcwalisa umhlaba ngaphandle koMuzi waseZulwini na?**

**381. Chaza ngengelosi yomuntu ngamunye ehlala nabo kusukela ekuzalweni kuya ekufeni.** Umbuzo omuhle kakhulu.

48 Ngiyakuzonda ukuyedlula lena; iyimibuzo emihle. Futhi ngifuna abantwana bami—bami bazazi lezizinto. Niyabo? "Manje, obani abayogcwalisa umhlaba ngaphandle koMuzi na?" Ngaphandle, kuyoba ngabahlengiwe abayogcwalisa umhlaba, ngaphandle koMuzi, kodwa abayikuba ngabakhethiweyo noMlobokazi obiziweyo. UMlobokazi uyohlala ngaphakathi eMbusweni neNkosi. Ngaphandle kuyoba ngamakhosi omhlaba asebenzayo futhi alethe imishikashika yawo, alethe eyawo... hhayi umshikashika, kodwa alethe izithelo zawo eMzini. Neminyango ayiyikuvalwa ebusuku.

49 Manje, e...Manje, lokhu ukuKhanya esiqongweni sentaba akuyikukhanyisa umhlaba wonke, Kuyokhanyisa kuphela uMuzi. Kodwa Kungabonakala ebangeni eliyizinkulungwane zamamayela mhlawumbe; kodwa Akuyikukhanyisa umhlaba, ngoba iBhayibheli lathi, eZweni eLisha, ukuthi kusukela kwelinye iSabatha kuya kwelinye nasekusukeni kwenye—kusukela kwenye inyanga kuya kwenye (niyabo?) kuyoba ngabantu benyukela phambi kweNkosi eZiyoni, benyukele eMzini ukuzokhonza.

50 Futhi manje, bayoba ngaphandle koMuzi, hhayi uMlobokazi, kodwa abantu abenyukayo ekuvukeni kwesibili abayoba ngabalimi bomhlabathi, njengoba wayenjalo nje uAdamu, kanjalo kanjalo, nabanakekeli bensimu. Kodwa iNkosi neNdlovukazi bayosala eMzini.

51 "Chaza ngengelosi yomuntu ngamunye ehlala nabo kusukela ekuzalweni." Manje, uma uqaphela...Manje, lokhu kuthe ukujula kakhudlwana. Manje, angizange...ngivele ngawucosha nje. Manje, i...Inxenye yawo ibhalwe ngokuthayishwa nenye ingepensela—noma ipeni.

52 Manje, kukhona iNgelosi, kodwa leNgelosi yeNkosi ezimise nxa zonke kulabo abazesabayo...oYesabayo. Niyabo? Manje, akwethenjisiwe ukuthi izoni sineziNgelosi, ngabahlengiwe kuphela oneziNgelosi. Benikwazi lokho na? IziNgelosi zeNkosi zimisa nxa zonke kulabo abaYesabayo.

53 Manje, iziNgelosi yizithunywa. Ngifuna niqaphele kuphelele kakhulu, futhi kuzofakazisa ukumiselwa ngaphambili kini. Niyabo?

54 Manje, uma ingane encane ibumbeka phansi kwenhliziyo kamama...Nani bantwana abancane eniziqondayo lezizinto, niyabo, iNkosi yaninikela kumama. Futhi wanithwala phansi kwenhliziyo yakhe, ngoba nisondele enhliziyweni yakhe. Kwase kuthi-ke, ngolunye usuku iNkosi yehla yase inikhulula

enhliziyweni kamama, ukusuka enhliziyweni yakhe, kodwa niyohlala njalo nisenhliziyweni yakhe.

55 Manje, ngenkathi lomzimba omncane ubumbeka, umzimba omncane wemvelo ubumbeka kumama, kunomzimba womoya wasemhlabeni osulungele ukwemukela lomzimba wemvelo masinya nje uma usuzelwe. Manje, ingane izalwa inemisipha ephilayo, inhliziyo eshayayo, kodwa akukho-moya wokuphila kuyo. Yimisipha idikiza. . .Niyabo? Bese-ke, niyabo, uma kubekhona okwehlukile kulokho, uma ubungekho umoya obufanele ungene kuwo kamuva, khona-ke umoya wethu ubungasishiya, futhi besingeke sisaphefumula futhi sibe sisaphila. Kodwa uma lomzimba ungawemukeli umoyampilo e. . .noma umoya (ukudonsa nokukhipha kwamaphaphu ethu), khona-ke bekobe sifile.

56 Manje, kodwa nxa umama. . .Ingane encane iqathazwa emhlabeni isuka enhliziyweni kamama. "Yaqathazwa," niyakuqonda engikushoyo, ukuthi ndlelani engi. . .isizathu ngikusho ngalendlela. Uma encane, ingane iqathazwa, kwenzekani na? Ithi nje ingavela, uma ingaqali ukukhala, udokotela, umbelethisi, kumbe noma yini, uyoyithwansula [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.], ayelule. Ifanele ibe nokwethuka, futhi kwenzekani na?

57 Qaphelani, umama, angaba ngongenasithunzi kakhulu njalonjalo futhi abe nonya, kodwa ngaphambi nje kokuba leyongane izalwe, kunomusa othize ongenayo. Senake namqaphela umama uma esezoba ngumama na? Kukhona into ethize emnandi ngaye; njalo uyabuthatha lobo bumnandi. Kungenxa yokuthi leyongelosi encane, umoya omncane, isithunywa esincane kulelitabernakele elincane selilungele ukuphuma lingene ezweni. Bese kuthi-ke, uma lengelosi encane izongena emzimbeni (leyo yingelosi encane yasemhlabeni, umoya omiselwe nguNkulunkulu ukuba uthathe lomzimba), bese kuthi-ke leyongane izofanele ibe nokuzikhethela. Yenza isinqumo sayo. Bese kuthi ngenkathi lokhu kwenzeka, bese-ke, ubona, iNgelosi yeNkosi manje izongena lapha, okungumzimba womoya, oPhakade.

58 Lona ngumoya ofayo emzimbeni ofayo; kodwa manje, wena awukwazi ukuba semizimbeni emibili ngesikhathi esisodwa, kodwa kungaba nezimvelo ezimbili kuwe ngesikhathi esisodwa. Manje, imvelo yoMoya weNkosi. . .Ngenkathi uzalwa ngokusha, awuzalwa ngokwemvelo, njengoba yayinjalo ingane; kodwa okwenzekile, ukuzalwa kokomoya kufanele kuze kuwe. Futhi ngenkathi lokhu ukuzalwa ngokomoya kukhula enhliziyweni yakho, kukaNkulunkulu, kunowemvelo noma umzimba wasezulwini okhulayo ukwemukela lowomoya. Futhi uma ukuphila kushiya lomzimba, kuya kulowomzimba. Njengoba nje ngenkathi umzimba wethulwa emhlabeni, umoya uyangena, futhi ngenkathi umoya uphuma emzimbeni, kunomzimba

olindile. "Ngokuba siyazi ukuthi emva kokuba lelidokodo selidiliziwe, sinalo eselivele lilindile." Niyabo? Yilokho-ke, umzimba womoya wabantu.

**Mfowethu Branham . . .**

Manje, lena ifanele ibe yi . . . Kuneqoqo layo lapha, kubukeka sengathi okungenani ishumi noma ishumi nanhlanu. Konke kubhalwe ephepheni, uhlobo olufanayo lwephepha, kubhalwe ngomshini, kanjalo kanjalo. Ngizozama ukufika kuyo ngokukhulu ukushesha okungenzeka. Singaphuma e . . . ngokukhulu ukushesha esingakwenza.

**382. Mfowethu othandekayo, wayengeke yini uJesu emukele ukukhonzwa eSambulweni nguJohane ngenkathi ewa ukuba a . . . Kungani uJesu engakwemukelanga ukukhonzwa eSambulweni nguJohane ngenkathi E— ngenkathi Evumela ukukhonzwa phambi kwakhe na? Kungani uJesu engakwemukelanga ukukhonzwa ngenkathi uJohane efuna ukuMkhonza na?**

59 Mfowethu othandekayo noma udadewethu, noma ngabe ubani, kwakungesuye uJesu ongakwemukelanga ukukhonzwa. ESambulweni 22:8, uzofunda ukuthi kwakungumprofethi, ingelosi, engakwemukelanga ukukhonzwa. Ngenkathi uJohane ewa phansi ukuba akhonze ingelosi eyayimkhombise lezizinto, yathi, "Musa, ngikanye nabazalwane bakho. Ngingomunye wabaprofethi." Niyabo, niyabo? "Ngingumfowenu kanye nawe, izinceku kanye nawe, omunye wabaprofethi; nika uNkulunkulu ukukhonza." Kwakungesuye uJesu ongakwemukelanga, kwakungumprofethi ongakwemukelanga.

**383. Mfowethu Branham othandekayo, yini umehluko ngenkathi uJesu ephefumulela kubafundi wayesethi, "Yamukelani uMoya oNgcwele," futhi ngenkathi be— ngenkathi babezoya ekamelweni eliphezulu ukuba balinde na?**

60 Kwakuyisithembiso Abanika sona, waphefumulela phezu kwabo isithembiso saKhe, wathi, "Yamukelani uMoya oNgcwele." Kwakuyisithembiso. Baya ekamelweni eliphezulu ukuyolindela isithembiso ukuba sigcwaliseke.

61 Kuyinto efanayo ngenkathi sibeka izandla phezu kwakho ukuba uphiliswe, bese uqhubeka ngomsebenzi wakho ulindele isithembiso ukuba sigcwaliseke.

**384. Mfowethu Branham, ngabe uJesu washintsha isififhlabuso sokwenyama izikhathi eziningana ngenkathi ebonakala kubafundi emva kokuvuka kwaKhe na?**

62 "Ngabe Washintsha isififhlabuso saKhe sokwenyama na?" A—angeke ngazi, ngoba ngicabanga ukuthi okwakuyikho, Akasishintshanga isififhlabuso saKhe lapho. Into Ayenza, Wakuvimba ukubona kwabo noma ukuMazi.

63 Njengalabo ababevela e-Emawuse, bahamba naYe usuku lonke futhi babevimbekile. Futhi babona umuntu ogwini ngesinye isikhathi bedoba lapho ababekade bedoba khona; Wathi, "Bantwana, kukhona eninakho na?"

Base bethi, "Asithathanga lutho, sishikashikeke ubusuku bonke."

Wathi, "Phosani ngakwelinye icala." Wayesequkula sonke isixheke sezinhlanzi, base bazi-ke ukuthi kwakuyiNkosi. Ngicabanga ukuthi kwakungesiso isifihlabuso saKhe esashintshwayo, ngicabanga ukuthi nje kwakungamehlo abantu okwavimbekayo.

**385. Mfowethu Branham, yini umehluko, uma—uma noma yini, phakathi kweNgelosi yeNkosi neNkosi, qobo lwaYo.**

64 Ingelosi yeNkosi yisithunywa esivela eNkosini, neNkosi uqobo lwaYo yilowoMuntu, hhayi umuntu wengelosi, ingelosi evela eNkosini. Ake ngikukhombise. Ngokukhuluma ngokwasemhlabeni nansi ingelosi evela eNkosini. Ngokukhuluma kwasemhlabeni nansi ingelosi evela eNkosini. Ngokukhuluma kwasemhlabeni nansi ingelosi evela eNkosini. Sazi kanjani-ke ukuthi ziyizingelosi ezivela eNkosini na? Uma ziletha iZwi leNkosi. Kodwa uma zizama ukuLiphendukezela, akuveli eNkosini khona-ke, niyabo, niyabo, zama ukuLenza into eLingayishiyo. Nje ukusho noma yini . . .

65 Bese-ke kukhona iNgelosi engaphezu kwemvelo eyehla ivela eNkosini, isiThunywa njengoGabriyeli, no—noMikayeli, uMhlonyane, kanjalonjalo, amagama azo.

**386. Mfowethu Branham, yini ebonakala ingalungile osukwini nxa siphila, yokuba yikholwa nokulandela uMlayezo nesithunywa sanamhlanje, nxa ungenakukhuleka njengoba ubungathanda na?** Lowo ngumbuzo omuhle.

66 Ngiyakholwa mfowethu, dadewethu, noma ngabe ubani owubuzile, yimbangela yezimo zesikhathi. Imvuselelo isiphelile. Imvuselelo ihlale iminyaka ethile eyishumi nanhlanu, futhi ayizange ihlale ngaphambi kokuba cishe ngaphezu kweminyaka emithathu. Ngikholwa ukuthi seyemukele imvuselelo yayo yokugcina. Futhi ngikholwa ukuthi yingakho ungenakukhuleka futhi uzwe useMoyeni njengoba wawuvamisile. Yingoba imililo yemvuselelo usuphumile.

**387. Mfowethu Branham, ngicela uchaze ukuthi wazi kanjani umuntu uma ecabanga imicabango yakhe uqobo, noma uma udeveli ebeka imicabango engqondweni yakhe ukumenza acabange okungalungile, ikakhulukazi, uma wazi ukuthi awufuni ukuyicabanga.**

67 Manje-ke, uma kuphambene neZwi, ngukucabanga kukadeveli. Uma kuhambisana neZwi, ngukucabanga kukaNkulunkulu. Uma kuyimicabango engalungile, ngudeveli.

Uma kuyimicabango emihle yeZwi nekaNkulunkulu, ngukucabanga kukaNkulunkulu.

**388. Uma udaba lungahle lube ngukuthi udeveli ubeka imicabango engqondweni yakho ngento ethize, inganqotshwa kanjani noma isuswe na?**

68 Thatha khona impela okuphambene nakho. Uma udeveli ekwenza ucabange ukuthi—ukuthi—ukuthi u. . . Uma wazi ukuthi ungumKristu, futhi yena uzama ukukwenza ucabange ukuthi awusuye umKristu, thatha nje okuphambene, uthi, "NgingumKristu." Inqobo nje uma isehlakalo sakho sifanelana neZwi likaNkulunkulu uthi, "NgingumKristu." Noma yiyiphi enye into, indlela efanayo.

**Ngenkathi uphendula lona, ngicela ungikhulekele ukuba ngikunqobe lokhu, angikho ngesingami.**

69 UNkulunkulu makakuphe ukunqoba kwakho, noma ngabe ungubani. Kwangathi imicabango yakho nje ingabuyela emuva ngqo kolunye uhlangothi bese uthi, "NgingumKristu; ngiyikholwa. Sathane, awunakho ukubambelela kimi."

70 Ngokukhuluma obala, ngimi khona lapha manje ngisho into efanayo, ngivimbela ukuquleka khona lapha epulpiti. Kunjalo. Kane noma kahlanu ngicishe impela ngaqumbeka phansi epulpiti. Lelo yiqiniso. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuqinisile.

**389. Nxa umuntu eqonda ukuthi unokuzenyeza, noma olunye uhlobo lokuphithana, angakunqoba kanjani lokhu na? Ngakho, kungaba ngukuthi uma wayenguyena kuphela umntwana owabangela lokhu ebusheni bakhe basekuqaleni na?**

71 Thatha khona impela okuphikisanayo. Uma njalo ufuna indlela yakho, naleyongane encane eyodwa engahloniphiyo efuna njalo ukuba nayo yonke into endleleni yakho, jika ubuyele emuva ngqo macala onke bese unikela ngayo yonke into onayo ngenye indlela. Uma unokuzidla futhi ufuna ukubamba yonke into, khona-ke qala uphisane ngakho konke onakho. Uyabo? Yenza noma yini . . . Nje hamba ngokuphambeneyo. Yileyondlela yokunqoba noma yini, yikhubalo.

72 Une. . . Owami omdala, umama waseningizimu wayevamise ukuba athi, "Iva likhishwa ngelinye." Nalokho kusebenza ngalendlela futhi.

**390. Mfowethu Branham,** mpumelelo **yini esifanele sidedele abantwana bethu abangakabi amabhungwana namatshishana bahlanganyele kuyo na?** (Ngiyaxolisa, kuthi. . .) **Yiyiphi imisebenzi okufanele abantwana bethu abangakabi amabhungwana namatshitshana babe magange, bahlanganyele kuyo. Futhi, sifanele senzenjani ukuba sibasize baqoke abahambisana nabo na?**

73 Bagcine behambisana namaKristu ngakho konke ongakwenza. Bagcine ne...Uma kuyintombazane, igcine namantombazane angamaKristu; abafana abangamaKristu, ngapha nangapha. Uma isindala ngokwenele ukuthi ingahamba nomfana, bona ukuthi izigcina inohlobo olufanele lomfana. Ungayikhuthazi kunoma yimuphi omunye umfana kungenjalo, noma umfana entombazaneni. Uma ihamba nongakholwayo, zama ukuyikhuthaza ukuba ihambe nekholwa, futhi ngapha nangapha. Yenza ikhaya lakho libe lihle. Yenza ikhaya lakho libe yindawo lapho indodakazi yakho noma indodana ingezukuba namahloni ukuletha abahambisana nayo phambi kukayise nomama, nasendlini yabo; futhi yenza ikhaya lijabulise kakhulu ukuthi bayothokoza ekhaya lakubo ukuhlala lapho.

Uuuu, he, nanku owesikhombisa ohlwini. Angizukuhamba kodwa nje ukwelula ngemizuzu embalwa.

**391. Mfowethu Branham, uyenzile yini inkulumo-mbiko maduzane nje mayelana nokuthi unyaka webandla usuphelile, iLawodikeya na?**

74 Qhabo, angizange ngithi usuphelile. Uma ngakusho, awungiqondanga, noma ngakusho ngokungesikho. U...Lona ngunyaka webandla wokugcina; ngukuphela kweminyaka yebandla, iLawodikeya. Awukapheli; uma uphela, iBandla selihambile. Ngakho inqobo nje uma iBandla lisekhona, awukapheli. Niyabo?

**392. Unyaka webandla uphela futhi ube-mnyama bhuqe, uMlobokazi uyabizwa, sesivele singene esikhathini sokuhlupheka na?**

75 Qhabo, qhabo, qhabo, u...Bengifisa sengathi ngabe bengingabe nginesinye futhi isikhathi kulokho. Niyabo, niyabo? UMlobokazi, uma Esethathwa ebandleni, khona-ke unyaka webandla uyokhawuka. ILawodikeya ingena enxushunxushwini; uMlobokazi uya eNkazimulweni; nesikhathi sokuhlupheka siyangena phezu kwentombi elele iminyaka emithathu nengxenye ngenkathi uIsrayeli ethola isiprofetho sakhe; bese-ke ukuhlupheka kuyangena phezu kukaIsrayeli; bese-ke kufika impi yase-Armagedoni ebhubhisa yonke into. Bese kuthi-ke, uMlobokazi abuye noMyeni okweminyaka eyinkulungwane, ukubusa kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane; emva kwalokho kufika isiHlalo sobukhosi esiMhlophe sokwaHlulela; emva kwalokho kufika amaZulu aMasha noMhlaba oMusha noMuzi oMusha wehla uvela kuNkulunkulu uphuma eZulwini. IPhakade nesikhathi kuhlangana thaqa ndawonye.

**393. UMoya oNgcwele ukutshelile ukuthi amaCilongo awahlangane ngalutho noMlobokazi. Ngabe iZitsha eziyisiKhombisa kukhona yini ezihlangene ngakho nathi na?**

76 Ngizolinda ngibone ukuthi ngabe uMoya oNgcwele uyakwembula yini ngaleyondlela. Angikazi.

**394. Ngabe umprofethi kaMalaki 4 uyoba yilowo obizela ngaphandle insali yabeZizwe yaseSambulweni 7:9, ngisho nakuba bedlula kuso isikhathi sokuhlupheka na?**

77 Qhabo, qhabo! Emva kwe—kweSambulo 7, yilapho abone khona inkulungwane eyikhulu namashumi amane nane ibekwa uphawu, futhi emva kwalokho wabona kwenyuka, okubuyayo kwakuyisibalo esikhulu esasingenakubalwa muntu okwakunguMlobokazi. Kuyoba ne. . . I. . . UMalaki 4 uyoqedwa noMlobokazi ahlwithwe, ne. . . bese-ke i. . . leliqembu lika—likaElija noElisha libuyela emhlabeni ukuba li. . . Ibandla ukuba liyokwedlula esikhathini sokuhlupheka, kodwa uElija noElisha abayikuzihlanganisa ngalutho nentombi eleleyo (zingabeZizwe); bayothunyelwa kuphela kumaJuda.

**395. Ngabe imiDumo eyisiKhombisa okulingana nezimfihlakalo eziyisikhombisa isivele yembuliwe na? Ngabe yembulwa eziMpawini eziyisiKhombisa, kodwa nokho i—kodwa nokho ayikaziwa kithi njengemiDumo na?**

78 Qhabo, yembulwa eziMpawini eziyisiKhombisa; yayimayelana nalokho-ke imiDumo. Yayizokwembula. . . ImiDumo eyisiKhombisa eyayizwakalise amazwi ayo futhi akekho owakwazi ukwazi ukuthi kwakuyini. . . UJohane wazi ukuthi kwakuyini, kodwa wenqatshelwa ukukubhala. Wathi, “Kodwa ingelosi yesikhombisa, ngezinsuku zokubetha kwayo, izimfihlakalo eziyisikhombisa zemiDumo eyisiKhombisa yayizokwembulwa.” Nengelosi yesikhombisa iyisithunywa soNyaka weBandla wesiKhombisa. Niyabo?

**396. Uyakholwa yini ukuthi ngezinye izikhathi uMlobokazi omncane ophilayo uyobuthana ndawonye ndawo ndawo futhi ube nezinto zonke ngokuhlanganyela, njengoba kwenza uMlobokazi wokuqala, mhlampe ngaphambi nje kokufika kweNkosi uJesu emafini na?**

79 Manje, bangibuze ukuthi ngakukholwa yini. Ngeke ngakufakazisa ngemiBhalo, kodwa mhlampe kuyofika isikhathi, mhlawumbe, angazi. Kungahle kubekhona nje. . . Niyabo? Uma bekunganjalo, bekunganikeza inkomba yokusondela kwaKhe, kakhulu e. . . Wathi, “Kodwa Ufika njengesela ebusuku.” Niyabo? Uza e. . . Njengaleyoncwadi engayifunda ngoJuliet. . . uRomeo noJuliet, Uyafika futhi—futhi amuke noMlobokazi waKhe ebusuku. Uhlwithwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso. Niyabo?

80 Futhi kungabazeka kakhulu ukuthi ngabe kuyoba ngaleyondlela, ngoba iBhayibheli lathi, “Bayoba babili embhedeni; Ngiyothatha omunye ngishiye omunye; futhi babe babili ensimini, futhi Ngiyothatha omunye ngishiye

omunye." Niyabo? Ngakho mhlawumbe ba . . . Ezweni lonke, abayikubuthana endaweni eyodwa ukuba bahlanganyele izinto zonke. Kodwa amaqembu amancane abo ayobe ehlakazeke nomhlaba wonke.

81 Ngiyakholwa, mhlawumbe uma iNkosi ivuma, leli yiqembu elincane laLo. Mhlawumbe elinye iqembu elincane eEshiya, elilodwa eJalimane, elilodwa ezansi kwenye indawo. Ngenkathi ngibone umbono woMlobokazi ngobunye ubusuku, Babenziwe ngabavela ezizweni ngezizwe. Niyabo? Ngakho uMlobokazi akayikubuthana evela endaweni eyodwa, Liyobuthana livela emhlabeni wonke. Nalokho impela kuqinisekisana neZwi, futhi alikaze iZwi libe nephutha. Futhi kulesisikhathi, kanjalo nombono awukaze ube yiphutha, ngoba ubuhambisana neZwi.

**397. Ngabe noma ubani onombhaphathizo weqiniso nowangokoqobo kaMoya oNgcwele ngalelihora akayikuba sohlwithweni loMlobokazi na? Ungachaza na? Sitshele ukuthi singakwenzelani noma ngayiphi indlela ukusiza senze umthwalo ube lula.** Manje, akumnandi yini lokho na? Niyabo?

82 Qhabo, ayikho into eningayenza khona manje.

83 Yebo, amakholwa angokoqobo elibhaphathizwe kuMoya oNgcwele liyoba kuMlobokazi. Kusobala, baqokiwe futhi babizelwe ngaphandle. Intombi eleleyo yayingenamafutha. Lezo ezazinamafutha zangena, kodwa i . . .

84 "Yini esingayenza ukwenza umthwalo ube lula na?" Yebo, mfowethu, dadewethu, noma ngabe ngubani obhala lokhu, ngikhulekele; yileyonto edlula zonke yokwenziwa. Ngiyabonga. Angiyidingi imali. Ngi . . . Eningi yalokho iyangena ukuba inginakekele. Ayibongwe iNkosi ngalokho. Angizidingi izingubo. Isikhathi esiningi kakhulu abantu bangipha izingubo zami engizigqokayo. Nabangane bami nezinto bangipha izingubo. Futhi ba . . . Ngithola imali eyanele ukuba ngondle umndeni wami; yilokho kuphela esikudingayo. Kubonakala . . . Futhi ungangikhulekela nokho, ngoba ngiludinga ngempela usizo lokomoya.

**398. Kubonakala sengathi phakathi kwabefundisi beZwi, ukuthi sinomncane noma asinamthwalo wokukhuleka, ukushumayela, ukuzila ukudla, noma ngemiphefumulo elahlekile engahle ukuba iseyilokhu iphandle lapho ndawondawo ezweni. Ungasiza usitshele ukuthi senzenjani ngalesisimo na? Siyabonga kakhulu, Mfowethu Branham, ngalokhu.** Lowo kufanele ukuthi ngumfundisi. Akasayinanga-gama ngalawa izwi.

85 Mfowethu . . . Ngidingeke ukuba ngiyiphendule ngenkathi bengikhathele, ngikhandlekile, futhi ngithe ukuthi, niyazi, ngingazizwa ngikahle kakhulu, ngakho ngi—ngithemba ukuthi kuyawuphendula umbuzo. Ngi—ngiyakubonga kakhulu futhi

ngi—ngikukhohliwe ukuthi bekuyini ebengizomphendula ngakho.

86 Bashumayeli, mfundisi, kungani sinalemithwalo... singenamthwalo ngemiphefumulo elahlekile. Ngikholwa ukuthi ngu—ngukushoda kwemvuselelo. Ngikholwa ukuthi sifanele sizame ukukhuleka kuNkulunkulu ukuba asiphe izihe zemiphefumulo elahlekile kuze kufike uJesu.

399. **Mfowethu Branham, uyakholwa yini ukuthi wonke umuntu onoMoya oNgcwele ukhuluma ngezilimi na?** (Qhabo!) **Ngiyazi ukuthi uthi ukukhuluma ngezilimi—ukukhuluma ngezilimi akusikho okobufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele. Benginga...KwabaseKorinte bokuQala 12:30, ngicela uchaze.** Ungangitholela kwabaseKorinte bokuQala 12:30 na? Ngicabanga ukuthi, "Bonke bakhuluma ngezilimi na?" noma okunjalo kanjalo; anginasiqiniseko. Ngizozama ukuthola omunye ngenkathi besawuphendula.

400. **Mfowethu Branham, ungachaza uJobe 14:21 na?**

87 Yebo. UJobe 14 uthi, "Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na?" O, uma umuntu efa...uJobe, ekhuluma ngokuvuka. Ngicabanga ukuthi ngaba nawo lowo ngokunye ukusa, kwakungesiwo na? Noma ngabe lowo wawusezansi endlini kaCharlie na? UNkk. Cox wayelapho ndawo ndawo. UJobe, uzibonile izimbali ukuthi zifa kanjani zibuye ziphile futhi, kodwa wangena emhlabathini futhi akangabuya. Kwase kuthi-ke kwachazwa kuye ukuthi ikhona into eyayonile. Wayefuna umlamuleli phakathi kwakhe noNkulunkulu, wayese-ke ebona ukufika kweNkosi.

88 Kuyini, Mfowethu na? [UMfowethu Branham unengxoxo nomfowethu—Umhl.] Ngicabanga ukuthi lokho bekungabaseKorinte bokuQala 12:30. Ya!

"Bonke bakhuluma ngezilimi na?" Yilokho ebengicabanga ukuthi bekuyikho, kodwa bengingaqinisekile, ngikhathele kanje, kodwa...Qhabo! Bonke abakhulumi ngezilimi; bonke abahumushi; bonke abakusho lokho. Kwase kuthi-ke sona impela isahluko esilandelayo, "Noma ngikhuluma ngolimi nabantu nezingelosi futhi ngingenalo uthando, anginto yalutho." Niyabo? UPawulu, ngamany'amazwi, ebatshela, "Bonke bakhuluma ngezilimi na? Impela, abakhulumi. Bonke bayaprofetha na? Qhabo. Kodwa zondelelani iziphiwo ezinkulu; kanti senginikhombisa indlela eyona iyinhle kakhulu." Niyabo? Bonke abakhulumi ngezilimi.

**Uzoba nayo yini enye inkonzo yokubona okufihlakeleyo ngaphambi kokuba umuke na? Uma ungezukuba nayo, kungenzeka yini ukuthola ingxoxiswano eqondene nami na?**

Ngithemba ukuthi ukwenzile. Manje, angisenayo eminye eminingi kakhulu. Ake ngizame ukuyithola uma kungenzeka ngikwenze.

**401. Ngiyakhumbula ngikuzwa uxoxa ngokubona into ebonakala idabukisa yengelosi...yokhozi luzishayisa ngamaphiko esibiyelweni, luzabalazela ukukhululeka. Nginomama oligugu okulesosimo. Ubengavunyelwe ukuba abe nabantwana bakhe abathathu abashadile ukuba beze ekhaya iminyaka emithathu, ngoba bengayikuyithobela imfundiso kayise. Ungumshumayeli wehlelo. Umama ufuna ukuzwa loMlayezo wesikhathi sokugcina, futhi angikwazi ngisho nokufikisa incwadi iletha kuye. Yiliphi izinga afanele athobe aze afike kulo na? Ngabe ikhona yini into engingayenza ngaphandle kokukhuleka na?**

89 Leyo bekungaba yiyonanto kuphela ebengingayazi. Umyeni wakhe, engumfundisi, engamdedeli ezwe iZwi. Ufuna ukuLizwa, kodwa akamvumeli aLizwe, futhi mkhulekele nje. Ngikholwa ukuthi owesifazane u—usindisiwe, kusobala.

**402. Mfowethu Branham, uma kungenzeka ukuba umuntu alahlwe futhi aphethele esihogweni uma enqaba ukuKhanya kweZwi, ngisho noma enesehlakalo sangokoqobo sokulungisiswa nokungcweliswa na?**

90 Yebo, mnumzane! Kunjalo impela.

**403. Nxa usebenzisa isisho ukuthi uma singalikholwa iZwi, siyohlukaniswa phakade noKristu, uchaza ukuthi intombi eyisiwula iyophila phakade, kodwa ziyohlukaniswa neJerusalema eLisha lapho uKristu eyohlala khona noMlobokazi na? Nampa labo abangenawo uMoya oNgcwele, bazalwe ngokusha njengoba umBhalo ukhuluma ngokuzalwa ngokusha. Uma ukuzalwa ngokwemvelo kudinga amanzi, igazi, nomoya, ngabe ukuzalwa ngokomoya akuzidingi yini zonke izigaba zomusa ngaphambi kokuba umuntu azalwe ngokusha ngokweqiniso na?**

91 Uqobo, ngikuchazile nje lokho kulokhu ukusa, okufanayo, entweni efanayo. Ufanele ube nazo zonke izigaba. Uzelwe nguMoya, njengengane nje itholwa, futhi esizalweni sikamama, kodwa ayikazalwa baze bemukele uMoya oNgcwele. Kunjalo. Uyazalwa-ke. Awuphendukile, usekuqhubekeni kokuphenduka kuze kube yilesosikhathi.

92 Yingaleso sizathu ukuthi zonke lezizimfihlakalo ezinkulu zazingenakunikezwa uLuther, zazingenakunikezwa uWesley, zazingenakunikezwa unyaka osanda kusedlula nje, unyaka wePentecostal. Ngani na? Kwakungesiso isikhathi. Batholwa. Manje, uMuntu kaKristu, qobo lwaKhe, iNdodana yomuntu (niyaqonda na?) Ezembula enyameni yomuntu, kwakungeke kufike kuze kube manje.

**404. Ngenkathi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siqala, bayosuswa kanjani abangcwele emhlabeni na?**

93 Abangakholwa bayokwehlela esikhathini sokuhlupheka nentombi elele, nabobonke labo abanye (abangakholwayo, nentombi elele), nensali kaIsrayeli ezokhishwa.

**405. Mfowethu Branham, uma abanye be . . . omunye engisukela noma "enginyathela izinzwani** (Lona ungaba ngomuhle.)—**enginyathela izinzwani," njengoba isaga esidala sisho, kuvuka ulaka lwami; ngingayinqoba kanjani lento na? Ngiyazi kuyofanele kwenziwe yiNkosi, kodwa ngingenzani enhliziyweni yami na? Angiyifuni lento.**

94 Nandisa ulaka lwakho ngomkhuleko, bese ubuyisa ingqondo yakho. Lapho . . . Angiqageli ukuthi kunabantu abaningi kakhulu kulendlu abake baba nolaka olukhulu kunoma nganginalo kwase kuqaleni. O, nga—ngangixubha umlomo ngaso sonke isikhathi. Futhi nga—nga—ngangithathe inqwaba yokudla kwami otshanini obomile.

95 Umama wami, njengoba nazi, wayeyiNdiya ingxenye, nobaba wami wayengumIrishi, umIrishi waseKentucky kulokho. Futhi wonke . . . bobabili babenolaka olwenele ukulwa nesaha eliyindingilizi. Futhi ngaso sonke isikhathi umlomo wami wawutubuzekile; ngangimncane kwase kuqaleni nje. Futhi babengiphakamisa nje bese bengishaya bangilahle phansi. Futhi ngangibuye ngivuke; futhi babebuye bangishaye bangilahle phansi ngize ngikwazi kakhulu uku . . . ngingabe ngisakwazi ukuvuka. Lokho kunjalo. Bese kuthi-ke uma sengikwazi ukuvuka, ngivuke futhi; babuye bangishaye bangilahle phansi. Ngakho yileyondlela nje enganginalo ngayo.

96 Ngacabanga, "Ngingeke neze ngaba ngumKristu." Kodwa ngenkathi uMoya oNgcwele ungena empilweni yami, lokho kukwenzile. Akusekho . . .

97 Ngangninowesifazane ngesinye isikhathi; ngaya ukuyocima amalambu. Ngalolosuku ngangninezinwele phezulu ekhanda lami. Wathi, "Wena omncane, onobulima bekhanda elisafindo!"

Ngamtshela, ngathi, "Sifazane, ubungafanele uthuke kanjalo. O, awumesabi uNkulunkulu na?"

Wathi, "Wena omncane, onobulima bekhanda elisafindo, ukuba bengifuna umuntu ozokhuluma kimi ngezinto ezinjalo, bengingeke ngathola osangene uhhafu njengawe."

"Wuu!" Wayesengibiza nge*lokuthuka,* ngegama *lokuthuka*. O he, ukuba lokho kwakuqhubeke unyaka! Ngangihlala ngithi, "Indoda engashaya owesifazane yayingesiyo indoda ngokwenele ukuba ishaye indoda," kodwa ngi—ngangingahle ngikwephule lokho ngalesosikhathi ebiza umama wami ngegama elibi kanjalo. Kodwa niyazi ukuthini? Akuzange ngisho kungenyelise. Ngathi, "Ngizokukhulekela." Angikhathazekanga neze . . .

Ngazi ngayo leyonkathi ukuthi kukhona okwakwenzeke kimi. Yebo, mnumzane! O, he!

98 Niyabazi ububi engibenze ngisengumntwanyana, ukulwa! Ngacishe impela ngabulala indoda amahlanu ngesinye isikhathi. Ngathatha isibhamu esikhulu silayishwe izinhlamvu eziyishumi nesithupha, futhi ngenkathi labobafana bengishaya ngoba ngangingowaseKentucky, singekho esinye isizathu . . . Ngangingakwazi ngisho nokuphakamisa ikhanda lami. Omunye wayengibamba ngezandla kanje, nomunye wayema lapho nedwala esandleni sakhe wangiphihliza ngalo ebusweni, ngaze angabe ngisezwa. Kungekho lutho ezweni . . .

99 Babengibiza ngesi "daklazana saseKentucky," ngoba umama wami, ngenkathi esemncane, impela wayebukeka efana neNdiya (ukubuka isithombe sakhe esikhashaneni esedlule), futhi babazi ukuthi wayeyiNdiya ingxenye. Futhi ngoba ngangingowaseKentucky futhi yena engowesifazane womdabu, babengibiza ngesi "daklazana, isidaklazana saseKentucky." Futhi ngangingenalutho ezweni enganginga lwenza kukho; akukho enganginga kwenza ngoba ngazalelwa eKentucky.

100 Ngehlela lapho esikoleni, futhi ngangingenazingubo zokugqoka, nezinwele zami zilenga zize ziyofika entanyeni yami. NoBabayi . . . uMa wathatha ibhantshi likaBabayi elidala ashada ngalo, wayeselinquma wayesengenzela ibhulukwe ukuba ngiligqoke ngiya esikoleni kungokokuqala kimi. Futhi ngi . . . Wayesengigqokisa namasokisi amade amhlophe nezicathulo zethenisi. Base bethi, "Uma ungabukeki ufana nomKentucky 'oqumbile.'" Futhi—futhi konke . . . futhi lokho . . . futhi-ke, lokho kwaqhubeka njalo yonke impilo yami—zonke izinsuku zami zesikole.

101 Nabafana abathi ababe babili, ngoba ngahamba ngehla ngomgwaqo nenye intombazane encane futhi ngiyiphathele izincwadi zayo . . . Babengafuni ngenze lokho, base behlangana nami ezansi lapho base bengishaya ngaze ngaquleka nje. Ngabatshela, uma bengangiyeka ngihambe, ngethembisa ukuthi ngangizoqonda ekhaya ngqo. Futhi ngakho bathatha . . . bangidedela, bangikhahlela kane noma kahlanu, bangishaya bangilahla phansi, base bengiklwebha bonke ubuso bami. Ngase ngiya ekhaya, kanje, ngenyuka ngidabula ensimini yezithonjana zokunonga.

102 Nganginesibhamu esikhudlwana i .22 Winchester sibekwe phezulu phezu komnyango. Ngafike ngasithatha lesosibhamu esikhulu sigcwele izinhlamvu, ngehla ngqo ngidabula ehlashaneni lamaqhwagi, ngase ngicasha eceleni komgwaqo baze bafike ngapho labobafana abahlanu noma abayisithupha. Ngalinda nje baze bafike, futhi ngenkathi befika lapho, ekhuluma, bathi, "LowomKentucky uzoqonda ukuthi ukuphi kusukela kulokhu kuqhubeke," beqhubeka kanjalo.

103 Ngenyuka nengcipho idonsiwe esibhanyini esikhulu. Ngathi, “Manje, yimuphi kini ofuna ukufa kuqala, ukuze ningabukeli abanye?” Baqala ukunswininiza; ngathi, “Ninganswininizi, ngoba nonke nizofa ngamunye ngamunye.” Futhi ngangikusho ngempela! Futhi kwathi nje ngaleyonkathi baqala ukunswininiza. Ngase ngidonsa sadluthula! Isibhamu sadluthula. Ngaphosa elinye igobolondo phakathi. Dluthu, sadluthula; elinye igobolondo, dluthu, sadluthula. Futhi ngaphampa amagobolondo ayishumi nesithupha emhlabathini. Onke adluthula. Nalobabafana begijima, futhi bempongoloza, futhi bezishutheka egqumeni, nayo yonke into.

104 Futhi emva kokuba sebehambile, ngama lapho. Kwathi sengithukuthele kakhulu, ngaze nga—nga—ngangabe ngisakhala, ngangihleka njengesilima nezinyembezi zigeleza emehlweni ami. Manje, lolo wulaka. Ukuba kwakungangenxa kaNkulunkulu, ngangiyoba ngumbulali.

105 Ngase ngicosha lawomagobolondo ngase ngiwabuyisela esibhanyini esikhulu, futhi, “Bha, bha”; ayedubula nje kahle kakhulu njengasemihleni nje. Ukhuluma ngomusa!

**406. Ziphi izintombi eziyiziwula ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane na?**

106 Ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane basethuneni. “Ababesele abafileyo kabaphila iminyaka eyinkulungwane.”

**407. Ngabe iyobakhona, noma ikhona yini manje indawo yoMlobokazi yokuba abuthane ndawonye ukuba ahlale kuyo, njenganenkathi uMose ehola abantwana bakwaIsrayeli na?**

107 Ngizokuphendulela wona lowombuzo; kwembulwa nje kimi. Ngizokutshela iqiniso. Yebo, mnumzane! Kunendawo yawo wonke uMlobokazi ukuba abuthane kuyo. Ufuna ukwazi ukuthi ikuphi na? KuKristu. Kuqinisile. Nje kubuthanwa lapho; sonke sindawonye.

**408. Kungani ukuthi sikwenza kube yindaba-mlonyeni enkulu kangaka ngengubo yabesifazane** (O, o, ngikuthola kulona, anginjalo na?)—**indaba-mlonyeni enkulu ngokugqoka kwabesifazane nokugundwa kwezinwele, futhi senze... kungashiwo lutho ngowesilisa noma indlela agqoka ngayo na?**

108 Awu, dadewethu, ngizovumelana nawe ngento eyodwa. Indawo yokuqala, iBhayibheli lathi owesilisa akafanele abe nezinwele ezinde. Futhi uma ubenezinwele ezinde, bengingamtshela, ngokufanayo nje njengoba ngitshela wena. Yena unephutha. Kodwa iningi labesilisa, inqwaba yabo injengami, ayinazo nhlobo. Kodwa iningi labo liyazigunda izinwele zabo, babukeka njengabesilisa. Futhi manje, uma bengakwenzanga, bayotshelwa ukuthi bangenzi kanjalo,

ukuba babe nezinwele zabo zikhule zaphuma njengezinwele zowesifazane. Nizothola konke okwalokhu ezifungweni zomshado nesahlukaniso nezinto uma sishumayela ngakho. Indaba-mlonyeni enkulu enjengeyowesilisa . . . noma ukugqoka kowesifazane . . .

109 Manje, owesilisa, indawo yokuqala, umzimba wowesilisa awusiso isilingo njengowesifazane. Manje, owesilisa, mkhulu, mdala, imilenze enoboya, amadolo ashayisene, isisu esisabhodwe, nayo yonke into, uyinxovanxova ebukeka kabi kabi; futhi akukho lutho ngaye lwesilingo. Futhi ngicabanga ukuthi ubukeka ngokubukeka ko "mfanekiso obhixwe ukwedlula yonke" ukubona laba owesilisa eza ehla ngomgwaqo, emncane noma emdala, egqoke nalamabhikini, noma ngabe kuyini, niyazi, ehamba ehla ngomgwaqo. Ngicabanga ukuthi kubonakala kuyinto ebukeka ingcole ukwedlula yonke engake ngayibuka. Kunjalo. Ngicabanga ukuthi a—akazi ukuthi ongowangakuluphi uhlanga (niyabo? Kunjalo!), owesilisa oyokwenza into enjengaleyo.

110 Futhi niyazi ukuthini na? Ngisanda kuzwa nje izinyanga ezimbalwa ezedlule, uMbutho waseMelika uzogqoka ngaleyondlela. Yebo! Umbutho uphuma ngonyaka ozayo, noma emva konyaka ozayo, wonke ugqoke izikhindi. Esikhulu kanjani isigejane sezitabane esingazithola na?

111 UNkulunkulu wenza owesilisa abukeke njengowesilisa, futhi aziphathise okowesilisa, futhi agqoke njengowesilisa. Wenza owesifazane ukuba enze okufanayo, agqoke njengowesifazane, aziphathise okowesifazane, futhi abe njengowesifazane. Mayelana nalokhu ukusa, mayelana . . . Umbuzo uyaqubuka mayelana nowesilisa . . . [Icala lokuqala leteyipu liphela ngokungaphelele necala lesibili liqala ngokungaphelele—Umhl.] . . . Uma efuna uku . . .

112 Uma owesifazane enezinwele ezilula ngempela futhi, efuna ukufaka elinye lalawo "mabuzi" noma ngabe nikubiza ngokuthini, ngicabanga ukuthi lokho ku . . . Umkami uyakufaka. Kuyi . . . Uthi izinwele zakhe zilula, futhi unolunye uhlobo oluthize lwento ethi ayibe yindilinga enkulu kangako, ibukeka injengelikhulukazi, ibheskidi elingu ova sayizi. Futhi usonga izinwele zakhe zizungeze lokho bese ehloma ophini kukho. Futhi manje, i . . . Ngokubona kwami, lokho—lokho akukhathazi lutho inqobo nje uma izinwele zakho zizinde.

113 Umfundisi wathi umkakhe waye—wagxekwa, ngoba wayene—nemibadlana ezinweleni zakhe. Ngase ngithola embuzweni, lokho kuchaza upende noma ukwenza umbala ezinweleni zakhe. Ngeke ngasho ukuthi lokho kuyiphutha; anginalutho ngakho. Uma enezinwele ezinde, yilokho kuphela engingakusho ngakho.

114 Futhi manje, owesilisa...Lomuntu ushilo kulokhu ukusa besusa izinwele zabo, bebuye bazibuyisele. Manje, lokhu kuthe ukufika lapha nakho, mayelana nokugunda izinwele. Niyabo?

115 Manje, uma—uma owesilisa engenazo izinwele, nomkakhe...Ngibezwile abesifazane bethi, "Awu, uma bengingahle ngithole uJohn...Ngicabanga ukuthi ubengabukeka kangcono uma e—uma efake isigqokwana esiyizinwele. Ucabangani ngakho, Mfowethu Branham na? Ngabe kuyiphutha kuye ukuba akwenze na?" Qhabo, mnumzane! Qhabo, nhlobo, akusilo iphutha, akusilo nhlobo. Uma efuna ukusifaka, lokho kuhle, akungaphezu kokufaka amazinyo okufakelwa kumbe noma ngabe yini efikayo.

116 Empeleni, nginamazinyo amathathu okufakelwa qobo lwami. Ngifisa sengathi angibanga nawo. Asocingweni; kuhlala njalo kufishanisa iphimbo lami, futhi kusika ulimi lwami, nakho konke okunye, kodwa kufanele ngibe nawo ukuze ngidle. Futhi uma ngi...Uma ngiphesheya kwezilwandle kuleyomihlangano engaphandle, ngifaka isigqokwana esiyizinwele; hhayi ngokubukeka kwaso, ngoba niyazi ngiyaye ngime khona lapha uma ngingazifakanga izinwele phezulu ekhanda lami noma ngabe kwakuyini. Kwakungangenzi-kwehluka; ngilapha ukumela uJesu Kristu. Kodwa uma ngima phandle lapho, cishe ubusuku bokuqala kwesinye salezoziphepho zasekushiseni okukhulu, ngobusuku obulandelayo umphimbo wami usubuhlungu kakhulu angikwazi ukuphuma lapho.

117 Ngakho-ke, ukuba—ukuba kwakuyinto engangifuna ukuyenza, futhi ngazizwela ukuyenza, ngangingayenza. Yebo, mnumzane! Akukho-nto ethi akungenziwa. Akukho-nto eshoyo, dadewethu, ukuthi ungelifake igundwane, noma ishoba lezinwele zokufakelwa, noma enye into noma okunye kwezakho...Lokho kulunge ngokupheleleyo, kodwa yeka izinwele zakho zihlale zizinde. Futhi silisa, gunda ezakho. Onazo, zigcine zigundiwe. Uyabo? Bese-ke, lokho kuxazulula lokho.

118 Futhi sifazane, wena gqoka njengowesifazane. Futhi silisa, wena gqoka njengowesilisa; ungazami ukuba yisitabane futhi ugqoke izingubo zabesifazane. Futhi besifazane, ningazami ukuba ngubulisa futhi nigqoke izingubo zowesilisa, ngoba uNkulunkulu akafuni nikwenze; iBhayibheli liyakugxeka lokho.

119 Kodwa manje, mayelana nokufaka isigqokwana esiyizinwele noma ukufaka izinwele...Awu, yini enye yalawo "mabuzi"? Ngabe ngenze iphutha esikhashaneni esedlule noma ngabe lelo yi "gundwane"? Ku—kuyinto—kuyinto o—owesifazane ayifaka ezinweleni zakhe ukuzenza zibukeke kakhulu...Noma ngabe kuyini (niyabo?), akukho okuyiphutha ngalokho. Qhubeka, kulungile.

**409. Mfowethu Branham, udadewethu weza etabernakele amamayela angamakhulu ayisishiyagalombili, futhi wathi wayekholwa ukuthi wena unguJesu Kristu ongene kumuntu. Ngicela ukhulume ngalokhu. Impela waye** (i-m-p-a-. . .) **wayengenakho ukubekezela ekuzameni ukutshela abanye akucabangayo.** (I-m-p-a-h-a-. . .) **ukungabekezeli**. Kulungile.

120 Manje, kusobala udadewethu wayenephutha. Angisuye uJesu Kristu; ngiyinceku yaKhe. Sedlulile kulokho izikhathi eziningi kakhulu. Kodwa . . .

O, sengiyavala impela manje; ngikhulekeleni nje, kade kancanyana nje.

**410. Mfowethu Branham . . .**(Ningathanda nje ukuzwa eminye yayo esele ngo—ngokukhulu nje ukushesha engingakwenza na?) **Mfowethu Branham, ngesinye isikhathi ngehluleka kuNkulunkulu wanginika i . . . ngizwa uNkulunkulu enginika isithembiso njengoSara nje. Kwaba khona umbuzo, kodwa isithembiso safika kamuva. Ngabe kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu na? Ngazi ukuthi esikaSara sasinjalo, kodwa ngizwa sengathi isikhathi sifishane kakhulu. Siyayithanda inkonzo yakho naYe owakubizayo** (Lokho kumnandi, akumnandi na?)**—thanda inkonzo yakho naYe owakubizela kuyo, futhi ngakhoke, siyakuthanda.** O, basayine igama labo. Ngiyabonga, dadewethu nomfowethu. Umbuzo, ya, ya. Kulungile.

121 Manje, uNkulunkulu . . . Cabanga ukuthi Ukunika isithembiso, futhi senzeka njengoSara. Impela, nguNkulunkulu ofanayo; Uphendula ngendlela efanayo. Ungakholwa yilutho olunye kodwa kwakungokukoNkulunkulu.

**Mfowethu Branham, ngithanda ukukubuza eminye imibuzo mayelana neBhayibheli. Ngicela uchaze uMarku oNgcwele . . .**

Nginawo lowo; nginawo lowo, UMarku oNgcwele 16. Saba nawo lowo ngolunye usuku, ngiyakhumbula. Ake sibone.

**411. Mfowethu Branham othandekayo, chaza uMathewu oNgcwele isahluko 22, ivesi, ngenkathi . . .**(Sinawo lowo. Niyabo? Niyakhumbula ngelinye ilanga na? Ngizo ngizokukhombisa wona. Ngangi . . . Niyawubona khona lapha, 22.) **Sangena kanjani lesisimenywa esidlweni sakusihlwa soMshado, esasifake ingubo, kodwa singenayo enye yengubo yomshado na?**

122 Khumbulani, ngathi . . . Ngathi ukuveza ihlaya elincane; ngathi, "Umfowethu wehlelo oweza nge—nge . . . oweza ngefastela futhi hhayi ngoMnyango." UMnyango yiZwi.

**Wathi uKayini wayengowenzalo yenyoka enobuqili. Washoloni uEva ukuthi, "Ngitholile indoda eNkosini"?**

Yilokho ebengizama ukukuthola kulokhu ukusa. NginemiBhalo ibhalwe phansi lapha yalowo. Ngingahle ngithi ukweseka kancane; ngithemba kanjalo. Ngithola eminye lapha . . .

> **Mfowethu Branham, umyeni wami, owakhuliswa eyiKatolika ekukhonzeni kwethu, ufuna ukukhuleka ngendlela engeyakhe.**

Nginawo lowo. Niyakhumbula?

O, ngithola lena khona phakathi lapha manje. Nginawo lowo.

> **Mfowethu Branham, ekugcineni ngi . . . ukwenza udadewethu abe nesasa ede- . . .** nginawo lowo. Inenekazi lalinodadewethu oyiKatolika.

> **Mfowethu Branham, kuThimothewu wesiBili 4, yini isiphiwo esaphiwa nge . . .**

Nginawo lowo. Bangaki oyikhumbulayo na? Nginayo eminye ixoviwe lapha. Niyabo?

> **Kusemthethweni yini kithi ukuba sisebenzise noma yiluphi uhlobo . . .**

123 Lowo uhlelumndeni. Ngi—ngi . . . Angikhulume kuwe nga—ngasese kulokho (yabo?), njengoba ngishilo kulokhu ukusa.

> **Kuqala, ngabe izintombi eziyiziwula zasindiswa yini ngesikhathi se . . .**

Nginawo lowo. Ngiyesekela lapha. Umzuzu nje, ngibekezeleleni nje.

> **Emva kokuyazi indlela, okungenani indlela yokuphenduka nokungcweliswa** (Nginawo lowo, niyakhumbula?), **bese-ke kuba ngukuwa kulokho . . .**

Nginawo lowo futhi. Ngesekile ngandlela thize. Ngizofanele nje ngiyithole njenge . . .

> **Mfowethu Branham, usho ukuthini uMathewu oNgcwele 24:28: "Nomaphi lapho kukhona isidumbu, kulapho izinkozi ziyakubuthana khona"?**

Niyangikhumbula ngichaza lokho na? Niyabo? Nginawo lowo. Mhlawumbe sengiqedile ngayo. Ayibongwe iNkosi!

> **Sekuyisikhathi—ngabe sekuyiso yini isikhathi sokuthi uMlobokazi uzodingeka a—abe nawe enzela u** (Manje, nginawo lowo.) **uhlwitho na?**

Mhlawumbe ngi . . . Futhi ngiyazi ukuthi nginawo lowo, ubumakwe phansi ekugcineni; ngiyawukhumbula lowo. Awu, ayibongwe iNkosi! Sehlela khona impela lapha manje. Ake sibone.

**412. Njengalokhu iZenzo 2:38 kuyiyonandlela kuphela yokubhaphathizwa, kuthiwani ngesixuku...?** Nginawo lowo.

124 Abazange bawazi ngezinsuku zabo; wembulwa manje nje. Emva kokuba sewazi ukuthi ufanele wenzeni, "Owaziyo ukwenza okuhle futhi engakwenzi, kuyisono kuye."

**413. Mfowethu Branham, akulungile yini ukutshala—ukutshala futhi usebenze ogwayini na?** Angikholwa ukuthi nginawo lowo.

125 Manje, ngiphambene nogwayi. Ngiphambene nokusetshenziswa kogwayi; noma yimuphi umKristu ozelwe ngokusha uyoba njalo; yilokho kuphela, ngoba awulungile. Siyazi ukuthi ngisho nesayense yezokwelapha ithi yilokho okuqala kakhulu umphimbo ne—nomdlavuza wamaphaphu, wu—wugwayi. Bathi, "Bhema osikilidi abanehluzo."

126 Manje, kuwena wesilisa nabesifazane enibhemayo, lokho nje kuyanidukisa, ngoba ningeke...Awu, into kuphela abayenzayo... Uma nithenga osikilidi abafakwe ihluzo, nifanele niwuthenge ube mningi, ngoba nje udedela ipesente elithize lentuthu ledlule. Ngoba noma ubani uzonitshela ukuthi...

127 Ngasizwa lesosifundo esifundwayo eMbukisweni woMhlaba enhla eWashington ngonyaka odlule (ngenkathi ngiphandle lapho eMbukisweni woMhlaba), nalabodokotela abavela emhlabeni wonke lapho bakuchaza; bathi ungeke waba nentuthu ngaphandle kwetiyela, futhi ungeke...Futhi uma unentuthu unetiyela. Base bethi, "Ningakhohliswa-muntu ngosikilidi abanehluzo, ngoba lapho obhema khona owodwa noma omunye lokho kungenelisa ukulangazelela onakho kosikilidi, uyobhema ombili noma omthathu womunye." Kuphela kuyi—yimvalamlomo yomphakathi, imvalamlomo yokusakaza emsakazweni netelevishini.

128 Kodwa ukusebenza ngogwayi noma ukutshala ugwayi. Manje, nina bazalwane baseKentucky otshala logwayi... Awu, ake ngisho into eyodwa: Uma kunilahla ukukwenza, ningakwenzi, ngoba ngingethande ukwenza into ezo...engaziyo ukuthi ibisekela omunye umuntu ekufeni kwabo. Kuyiphutha ukunika umakhelwane uphuzo olunamandla, ngakho-ke kungaba yiphutha ukwenza uphuzo olunamandla. Kodwa ake ngisho enye into manje. Manje, mayelana nokuwutshala...

129 Ugwayi, niyazi, injimbilili iyasetshenziswa futhi emagameni ezemithi yokwelapha. Futhi benazi yini ukuthi nitshala okusanhlamvu okwenza ugologo, ukolo nobhali okwenza ugologo na? Kunjalo na? Kulungile. Niyabo? Anazi ukuthi bazokusebenzisela ini.

130 Kodwa manje, sitshala okusanhlamvu, esingacabanga uma sitshala okusanhlamvu, ukuze kwenze izimpephelezi

amakhonfleksi, nokudla kwabantu, isinkwa sommbila, kanjalonjalo; kodwa benza futhi iziphuzo ezidakisanayo ngakho (niyabo?), ngakho ungeke wazi ukuthi uzokwenzenjani.

131 Futhi utshala . . . unengadi yomnduze. Niyazi ukuthi benzani ngomnduze na? Benza isidambisi-zinhlungu iopiyamu ngawo. Niyazi ukuthi benzani ngoletisi na? Benza into efanayo. Nesidambisi-zinhlungu iopiyamu futhi sikuletisi. Sewake wasidla isixheke sikaletisi bese ubona ukuthi uzwa kunokuthula kanjani kancanyana na? Yisidambisi-zinhlungu kuwo. Niyazi futhi siku anyanisi na? Impela. Ngakho, ni—niyabo, kuya ngokuthi ukwenzela ini.

132 Kodwa ake ngisho lokhu, njengomfowenu ongumKristu kumfowethu ongumKristu: Uma unesikhungo sikagwayi, sithengisele omunye umuntu, bese uthatha ithuba kokusanhlamvu. Ngikholwa ukuthi kungangcono (uyabo?), ngoba akungabazeki ukuthi abakutshalayo oku . . .

**Umyeni wami washada nohlulwa wuphuzo nesiphingikazi . . .**

Nginawo lowo. Uvela . . . nginitshelile ukuthi ubuvelaphi. Uvela kude nalapha. Nginawo lowombuzo. Futhi manje, ake sibone.

**Owesifazane waseSambulweni 12 . . .**

Nginawo lowo. Ya, nginayo lenqwatshana yemibuzo. Ake sibone. Lokho kunayo; nginayo. UseSambulweni 12, ayeyikho. Ake sibone.

**414. Mfowethu Branham, sinabantwana ababili abaya esontweni elilawulwa ngumshumayeli wesifazane. Siyazi owesifazane uphumile eZwini. Abantwana bethu baphansi kwalokhu ukuthonya okunamandla. Singahambisa kanjani ukuba sibatshele ukuthi lokhu ngukweduka na?**

133 Nginitshelile ngaphambili. Ngiwuphendulile lowo. Futhi nikuphathe ngobumnene. Beningathini uma ngi . . . Ngiyazi lowomuntu uhlezi lapha. Nithini uma ngikholwa ukuthi ngiyazi ukuthi umuntu ungubani futhi nginganitshela na?

**415. Ngabe ukubusa kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane kuyoba yiminyaka eyinkulungwane noma ukubalwa kwesikhathi nje na?**

134 Nginawo lowo ngisho nakulokhu ukusa. Niyabo? Yiminyaka eyinkulungwane. Kulungile.

**Mfowethu Branham, inkinga yalokho oku . . .**

Ya, nginawo lowo. Ukolo nokhula lukakolo, niyakhumbula sinawo lowo.

Ngikholwa ukuthi siyehla ngqo manje. Ngingahle ngiphose inqwatshana yalena emuva. Ake sibone. Into efanayo.

**Mfowethu Branham, ngingumama wabantwana abayisithupha abayisimangaliso nomyeni wami ufuna ngiyosebenza isikhashana ukuba ngisize kwezezimali. Ngingasebenza na? Futhi ngifuna ukukhuleka uNkulunkulu angiphe ukukholwa oku... ukuba anginike...Abrahama no—no...ukukholwa okufanayo...noAbrahama noDanyeli nabantwana bamaHeberu. Ufanele yini umKristu ukuba alime ugwayi na?** Ngisanda kwedlula kulokho. Futhi...

**416. Mfowethu Branham, kuyiphutha yini kowesifazane ukuba agunde imilenze yakhe na?**

135 Ngabe ngibona izinto na? Ngabe lokho akusho lokho na? Angikwazi...Angazi. Ngizokushiyela wena lokho.

**Ngabe—ngabe kulolusuku kuyiphutha yini ukukalela isibalo somndeni wakho na? Ngabe bekuchaza ukuhlela umndeni ngokuphelele na?**

136 Ngiwuphendulile lowo, kusobala, ku...umuntu ngamunye. Ake sibone.

**Uma owesifazane esesesonweni athole isehlukaniso futhi aphinde agane futhi...**

137 Ngiwuphendulile lowo. Niyakhumbula ngathi, "Yekani izindaba zezahlukaniso kuze..."

**417. Nginomngani engimthanda kakhulu. Ubenamanye amateyipu nezincwadi amaletha engikholwa ukuthi ane...angikaze ngikhulume naye. Ngempela, ngiqagele ngiyesaba ukumbhubhisa nokulahlekelwa nguye njengobungani. Ngifanele ngenzenjani na?**

138 Khuluma naye ngothando. Angi...ngikholwa ukuthi ngiwuphendulile lowo, kodwa ngi—ngi...Unga—ungazami ukufuqa noma yini kunoma ubani. Yiba nobusawoti nje; bayokulangazelela ukufana nawe.

Mfowethu, dadewethu, ngikholwa ukuthi ngiyiphendulile lena.

**Mfowethu Branham, ngicela uchaze ngezintombi ezinhlanu eziyiziwula.**

Ngi—ngiyazi nginawo lowo. Ubhaliwe, futhi yiphepha elibomvu. Ngikholwa ukuthi si...Nginawo lowo. Ngikholwa ukuthi ngiyiphendulile yonke eyalena. Ayibongwe iNkosi. Ake sibone. Ngiyaxolisa umzuzu nje.

**418. Mprofethi kaNkulunkulu othandekayo, uMarku oNgcwele 16:18, ngi...ingxenye yokubeka izandla phezu kwabagulayo...Ngingakubaphathi bezinyoka. Kuthiwani ngakho na?**

139 Awu, lowo ngumbuzo omuhle. Uma ungakubaphathi bezinyoka, futhi bathi uMarku 16...Impela! Ngikholwa ukuthi

iBhayibheli lichaza lokho Elikushoyo. Ngikholwa ukuthi uma sizama ukulinga iNkosi entweni ethize, sikuyo. Kodwa angicabanganga ukuthi uNkulunkulu uchaza ngawe ukuba unginike ibhodlela le aseniki umuthi ongubuthi bese ubona ukuthi ngingawuphuza yini futhi ngifakazise kuwe ukuthi nginokukholwa; akungaphezu kokuthi ngikholwa ukuthi kungakuhle kuwe ukungilethela inyoka, bese ungicoshisa yona, bese ngikukhombisa ukuthi nginokukholwa ukuthi ngingawunqoba uphoyizeni wayo. Angikholwa ukuthi lokho kunjalo.

140 Ngiyakholwa ukuthi ukuba bengisemanzini ngibhaphathiza abantu, noma ngenza emsebenzini weNkosi, noma phandle emenweni, bese inyoka ingiluma, ngingahamba ngiqonde ngqo eGameni leNkosi. Niyabo? Ngikholwa ukuthi lokho kuchaza lokho.

141 Manje, uma nizothatha . . . Niyabo, okwenza ngalokho, muntu othandekayo noma ngabe ungubani—ukuthi ungubani . . . Kukhumbule lokhu. Niyabo? Bhekisisa ukuthi iBhayibheli lathini ngakho. Akungaphezu kokuba ngikholwa ukuthi uma uzama ukuthi, "Udumo, udumo, udumo" . . . Ungamlingi uNkulunkulu ukuba akhulume ngezilimi, dedela uMoya nje ukhulume ngawe. Uyabo?

142 Manje, angikholelwa ekulingeni uNkulunkulu noma ukufuqa noma yini. Njengoba ngishilo nje esikhashaneni esedlule, ngenkathi uMoya . . . Silindela kuMoya; Uyakwenza.

143 Manje bhekisisani, uPawulu wayecosha izinsabi eceleni kwasesiqhingini saseKrete, ngikholwa ukuthi kwakuyiso. Futhi wayeboshwe ngamaketango, nenyoka, mhlawumbe imamba . . . Lokho ngukulumela ukufa; wayengawa phansi masinyane impela, abesefile. Angazi ngenye inyoka engakubulala masinya kangako, ngaphandle uma kuyimamba.

144 Futhi ngakho wacaphuna lemamba, sizosho njalo. Ilumela ukubulala; unokucishe nje, ukuphefumula okumbalwa nje okusele. Uma ushaywa yimamba . . . Noma imfezi, unethuba elingamashumi amahlanu elilingene nxa zombili, ngomjovo othakwe nohluzi lwezilwane, ukuba uphile, ngemfezi emnyama. Ngemfezi ephuzi unamaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili okuthi ufe namaphesente angamashumi amabili wokuthi uphile; imamba, awunapesente. Ufile nje, yilokho kuphela, ngoba awuphefumuli kuphela ukuphefumula okumbalwa nje. Kukhubaza umgudu wemizwa, umgudu wegazi, nakho konke okunye, futhi awusekho. Niyabo?

145 Kodwa ngenkathi—ngenkathi lemamba eyayilume uPawulu esandleni, bathi, "Awu, lowomuntu ungu . . . Ungumuntu omubi, mhlampe umbulali. Ngisho noma asinda olwandle, nokho u . . . ubengenakusinda ekufeni. Onkulunkulu uzophindisa kuye njengeyakhe—ungumbulali."

146 UPawulu wabuka, nalenyoka ilenga esandleni sakhe, wavele nje wayinikina yasuka, engaxhuxhumi nhlobo, "O, Nkosi, ngisize ukuba ngikwenze." Qhabo! Wayibuka, wayinikinela emlilweni, waqhubeka ecosha izinsaba sengathi kwakungenzekanga lutho.

Bathi, "Uzofa ngomzuzu nje, ngoba ngenkathi leyonyoka ikuluma, awusekho." Emva kwesikhashana isikhathi sedlula, uPawulu akavuvukalanga, afe, noma akukho kuthinteka. Bathi. . .Bashintsha, bathi, "Ungunkulunkulu owehle ngesimo somuntu." Niyabo?

147 Akazange athi, "Nginikeni leyonyoka," kodwa inyoka yamshaya. Akazange amlinge uNkulunkulu, kodwa wayenokukholwa kuNkulunkulu kokunqoba ukulunywa yinyoka. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na?

148 Ngakho noma ngabe ungubani phakathi kwabaphathi bezinyoka, ngi. . .Manje, uma befuna ukuphatha izinyoka, lokho—lokho kukubo. Niyabo? Angikuboni nje ngaleyondlela.

149 Manje, wena uthi, "Awu, labobantu banokukholwa." Angisho ukuthi abanakho ukukholwa, bazishisa ngethoshi elikhanyisa ngegesi nezinto ezinjalo, kodwa (niyabo?) noma kunjalo lokho akufakazisi yena uNkulunkulu.

150 Ngiwabonile amaNdiya ethatha u—umugqa womlilo, amafidi amathathu ukuvundla cishe namayadi angamashumi amane ubude, uma upheshethwa ngamahlamvu uze ushise ubemhlophe (hhayi umuntu okhethekile, abalimi), akhumule izicathulo zawo, athathe elincane (abapristi bawabusisa ngegazi lezimbuzi), futhi athathe amahhuku amancane angamahhuku okudoba izinhlanzi, bese ewahloma esikhunjeni sawo ngaphezu komlomo wawo, aze abe yisibumbatha esikhulu esisodwa sa—samanzi, agcwaliswe kokuncane okasamabhola kaKhisimuzi kanjalo, imihlobiso, agcwaliswe, namakhulu amahhuku okudoba izinhlanzi amade kangaka ehlonywe enyameni yawo (ungazibonela ukuthi kunjani ukufaka nokukhipha), bese ema kanjalo, bese ephuma adabule ngqo emlilweni oshisayo (futhi nje ku—nje oshisa okumhlophe, ngaphezulu le kobomvu, ukushisa okumhlophe)—ahambe ehle ngqo edabula lowomlilo bese ejika ngqo bese ehamba ebuyela emuva, kungekho ngisho nesibashu ezinyaweni zawo. Futhi awakholelwa ngisho nakuNkulunkulu wethu. Akhonza, ukukhonza amademoni. Niyabo? Ngakho lokho akusho lutho. Deda nje. . .Yiba nje ngowangempela, omnandi, umKristu othobile, phila impilo, khona-ke uNkulunkulu uyokunakekela konke okusele kwakho.

**419. Mfowethu Branham, bazoshumayela ngokuthini abashumayeli—bazoshumayela ngokuthini abangangeni kuMlobokazi na? Umlayezo wabo manje, uMoya oNgcwele, umbhaphathizo wamanzi, nensindiso, azoshumayela ngokuthini uma bengangeni kuMlobokazi na?**

151 Awu, bazo. . .Niyazi ukuthi mhlawumbe kuzokwenzekani na? Ngisho lokhu, manje. Ngeke ngakufakazisa lokhu, kodwa ngi. . .Bayovele nje baqhubeke nokushumayela njengoba nje benakho manje, nabantu beqhubeka becabanga ukuthi bayasindiswa; noMlobokazi uyobe esehambile.

**420. Ngabe kulungile yini, ngokweZwi ukuhlela umndeni na?**

152 Nginitshelile ukuthi ngiyowuphendula lowo ngasese. Wena onalemibuzo, woza kimi ngasese.

**Mfowethu Branham othandekayo, sinothisha owaziyo wena ukuthi umBhalo uthi. . .**

Ya, nginawo lowo. Umzuzu nje manje.

**Mfowethu Branham, ngesinye isikhathi sasinegama lethu libekwe encwadini yelithize. . .**

Ya, nginawo lowo. Umayelana nokuthi sebelisuse kanjani manje, ngabe benza iphutha na?

**421. Yini. . .Ungakuvumela ukuhlela umndeni na?**

153 Qhabo, ngeke ngakuvumela. Qhabo, mnumzane! Niyabo?

**422. Ku. . .Ngabe ingelosi yesikhombisa, njengoba kukhulunywa ngayo, yeSambulo 10, umuntu ofanayo njengoElija kaMalaki 4 na?**

Ngabe ngiwuphendulile lowo na? Lokho akuzwakali sengathi ngiwuphendulile lowo.

154 Yebo, ngumuntu ofanayo. ISambulo 10 nguMlayezo wengelosi yesikhombisa, oku. . .umlayezo wesithunywa sesikhombisa soNyaka weBandla wesiKhombisa, okunguMalaki 4.

**Ngabe ukuhlela umndeni. . .**

155 Nginenqwaba kulokho. Ngivele ngayiphosa emuva nje lena, futhi be—bengingafuni ukuphendula; kungcono ngikubone ngasese.

**423. Sitholaphi lapho uNowa ashumayela khona iminyaka eyikhulu namashumi amabili futhi wakha umkhumbi eminyakeni eyikhulu namashumi amabili na?**

Ngabe ngiwuphendulile lowo na?

156 Isizukulwane, noma isikhathi esabelwe, isikhathi esabelwe umuntu emhlabeni sasiyiminyaka eyikhulu namashumi amabili, eyathatha uNowa, isikhathi, ukwakha umkhumbi, okwakuthathwa ngokuthi yisizukulwane ngalolosuku. Iminyaka eyikhulu namashumi amabili kwakuyisikhathi esabelwe umuntu. Futhi washumayela, ngokwe. . .uGenesisi 6:3, washumayela kulesosizukulwane, esasiyiminyaka eyikhulu namashumi amabili; uNowa wakwenza. Kulungile. Ake sibone manje.

**424. KuMalaki 4, loElija uzothatha izinhliziyo zikababa ziye kubantwana, bese-ke kuba yizinhliziyo zabantwana koyise. Ngabe lona ngumuntu ofanayo na?**

157 Yebo, umuntu ofanayo. Kulungile. O, awume kancane. Qhabo! Ngixolele, ngiyaxolisa. Nje . . . Niyawubona uMoya oNgcwele ungibambela lokho-ke? Qhabo! Bengicabanga ukuthi kuthe i . . . Niyabo?

158 Okwakuyikho kuMalaki 3, lapho, "Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi," okwakunguElija. KuMalaki 4 kujika kuyabuya kwase kuthi, "Bhekani Ngiyathuma uElija." UMalaki 3, Wayezothatha isithunywa esithunywe phambi kobuso beNkosi uJesu, okwakunguJohane. Bangaki oqonda lokho na? UMalaki 4, ngenkathi loElija efika, masinyane emva koMlayezo wakhe nezinto, nasemva, ngukuFika kweNkosi nokwenziwa busha komhlaba.

159 Futhi niyaqaphela, ukukwenza kuqiniseke manje ukuthi akusiyo i . . . Ukuthi uMoya oNgcwele wakubhala kanjani ngalomprofethi, Wathi, "Uyophendulela izinhliziyo zawobaba, kuqala, kubantwana." Niyabo? Lokho kwakungukufika kukaJohane kokuqala. Waphendulela izinhliziyo zawobaba, abadala, obaba abangokhokho, eMlayezweni wabantwana, okwakuyisizukulwane esisha ngaleyonkathi, uJesu, kulesosizukulwane. Bese kuba *ne*, isihlanganiso, kubopha ndawonye "izinhliziyo zabantwana zibuyele kobaba," okuchaza ukuthi, uMlayezo wanamhlanje uyophendulela izinhliziyo zabantwana onyakeni webandla zibuyele ekukholweni kwePhentekoste kwasekuqaleni.

160 Ngakho kuyoba ngezimbili ezehlukene . . . Isithunywa esisodwa, kodwa kwehlukanisa lapho u—ukufika kokuqala nokufika kwesibili, kukaJohane . . . noma isithunywa, uElija.

**Umyeni wami nendodana yami yokugcina ayikholelwa . . .**

Ya, nginawo lowo. Ngiyazi ngibe nawo, ngoba ngiyazi umuntu unegama labo lisayinwe lapho. Ngiyakhumbula ngikhuluma nabo kamuva ngakho.

**425. Singayithola kanjani intando yeNkosi na? Ikhaya lethu—lethu uku . . . Singalithutha ikhaya lethu siye eJeffersonville, eIndiana na? Umuntu angaba ngumKristu futhi angabathandi abantu abangamakhaladi na? Ngabe uNkulunkulu akawafuni yini ukuba aphathwe njengathi, ngoba ansundu ngebala na? Unga . . . uphakamisa ukuthini kulokhu na? Uyakholelwa yini ekungabandlululaneni noma ekubandlululaneni na?**

161 Ngikholelwa ekungabandlululaneni. Ngikholwa ukuthi umuntu . . . Akunandaba ukuthi ibala lakhe linjani noma ungubani, ungumuntu njengami nje. Kunjalo impela. Futhi ngiyakholwa, ukuba nje bebezobayeka kanjalo labobantu

abangamakhaladi, nalawomakhomanisi awaphumelanga lapho futhi abafaka ugqozi . . .

162 Manje, babefuna . . . Manje, abantu abangamakhaladi ngokoqobo ngempela, kunesigejane sangokoqobo esizelwe ngokusha, abangcwele abamesabayo uNkulunkulu kulabobantu. Yebo, impela. Ngoba nje isikhumba sami simhlophe nesabo sinsundu, lokho akusho neyodwa into kimi. Ungumfowethu uma ekuKristu.

163 Yingakho ngehluka emlayezweni wesiBhunu; babengakholwa ngisho nokuthi labobantu banomphefumulo. Yilokho okwangenza ngingathandi lapho. Ngathi, "Lowomuntu ungumuntu ngokufanayo nje njengoba nginguye. Unamalungelo elungelweni elifanayo nenginalo. Isikhumba sakhe asisho nomncane umehluko kimi, kumbe namunye omunye umuntu ozelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu."

164 Kodwa ngathi, "Uma bebengayeka labobantu abangamakhaladi kanjalo, bebengeke bafakwe ugqozi kanje." Futhi ngizokusho kusuka kulelipulpiti . . . Sinezinqwaba zabantu abangamakhaladi abeza lapha. (Angicabangi ukuthi bakhona kulobubusuku.) Kodwa sinezinqwaba zabantu abangamakhaladi abeza lapha kulelibandla. Mfowethu, bemukeleke njengoba kwemukeleke yinoma yimuphi umuntu. Bangumfowethu nodadewethu.

165 Nabanye babantu abanomoya omuhle kunabo bonke engake ngahlangana nabo empilweni yami abanye babantu abangamakhaladi. Kunoma bekhona abanye abangamambuka, abafana ncamashi nabantu abamhlophe, noma abantu abaphuzi, noma abantu abansundu. Yebo, impela.

166 Manje, angikholelwa ekuxubaniseni imishado. Ngikholwa ukuthi umlungu akafanele ukushada nentombazane eyikhaladi, noma intombazane eyikhaladi ishade nomlungu, noma ophuzi ashade nekhaladi, noma omhlophe, noma i . . . Ngikholwa ukuthi onsundu, omnyama, omhlophe, nezinhlanga zabantu zinjengengadi yezimbali kaNkulunkulu, futhi angikholwa ukuthi zifanele ziphanjaniswe. Ngikholwa ukuthi yileyondlela uNkulunkulu abenza baba yiyo, futhi ngikholwa ukuthi yileyondlela abafanele bahlale beyiyo.

167 Ini . . . Kuyangiwulaza ukuthi ngibone enye intombazane yekhaladi enhle ngempela, ekhaliphile, umntwanyana obukeka kahle, emuhle nje njenganoma yimuphi wesifazane obungafuna ukumbona . . . Kungani ifuna ukushada nomlungu futhi babe nabantwana abangamakhoboka na? Kungaba ngani intombazane eyikhaladi ekhaliphile ifune into enjengaleyo na? Yingenxa yokuthi into ethize . . . ukuthi ikhomanisi . . . Futhi ingakwenza kanjani e—enhle . . . i—i—indoda eyikhaladi ifune ukushada nomlungu futhi babe nabantwana abangamakhoboka na?

168 Angikholwa ukuthi ngi. . .Ngikholwa ukuthi nifanele nihlale nje njengoba sinjalo. Si—siyizinceku zikaKristu. NoNkulunkulu wangenza. . .Uma Angenza, ibala lami lamnyama, ngingajabula ukuba yindoda emnyama kaNkulunkulu. Uma Angenza ngaphuzi, ngingajabula ukuba yindoda ephuzi kaKristu. Uma Angenza ngamhlophe, nginga. . .?. . .umlungu ojabule kaKristu. Uma Angenza ngansundu, noma ngabomvu, iNdiya, noma ngabe yini, ngiyohlala nginebala lami elifanayo. Lowo bekuyoba yimina. Ngifuna ukuba njengoba uMenzi wami angenza.

169 Ezansi lapho ngalolosuku eShreveport ngenkathi kufika lokho kuvukelana, futhi labo. . .futhi kwakukhona onke lawomakhaladi amancane efakwe ugqozi phandle lapho, okobukhomanisi. . .

170 Nginitshelile lapha kulelipulpiti, uMartin Luther King uyisikweletu esikhulu abantu abangamakhaladi abake baba naso. Kunjalo. Lowomuntu uzohola izinkulungwane zawo ekubulaweni (kunjalo), efakwe ugqozi ngubukhomanisi.

171 Ake ngifakazele iphuzu lami. Ngakusho lokho cishe eminyakeni emibili edlule. Bukani ukuthi kwenzekani khona manje. Bathi babelwela ukungabandlululwa, futhi ngenkathi umthetho ubanika ukungabandlululwa. . .Nakinina bantu eningakholelwa ekungabandlululaneni, yibani namahloni ngani. Isizwe sakithi siyakuvuma ukungabandlululani, futhi sifanele senze lokho athi ubasi omkhulu akwenziwe. Kunjalo impela.

Futhi manje, wena uthi. . .Hhayi ukuza ezindaweni, nokunye nokunye kanjalo, noma ukuthenga, noma ukuhlala kwingemuva lebhasi, nokunye nokunye, qhabo, mnumzane! Umthetho uthi bayafana njengoba sinjalo nje nathi, ngakho siyafana njengoba benjalo nabo; ngakho asenze ngaleyondlela. Asibe yileyondlela. Futhi yilokho impela bonke abantu abazelwe ngokusha bangeqiniso abakukholwayo. Futhi manje, ngikholwa ukuthi lokho kusenhliziyweni yabo.

172 Angikaze ngibe nozwelo olunjalo lwabantu njengoba nginalabobantu eAfrika, indlela ababephathwa ngayo. Futhi angikholelwa kuleyonto. Ngingumningizimu; ngazalelwa ngapesheya komfula ngaleya, kodwa nginjengoAbraham Lincoln; ngiza lapha, ngoba ngikholwa ukuthi umuntu bazalwa ngokulingana. Kunjalo. Futhi angikholelwa ekwehlukaniseni abantu nezinto ezinjalo, ngenkathi labobantu. . .bhaphathizwe ngoMoya oNgcwele nokunye nokunye.

173 Kodwa bukani, akusibo labobantu abangamakhaladi angamaKristu azelwe ngokusha ngokoqobo obanga yonke lenkathazo. Nifuna ukubagxeka ngalokho, nithini ngabanye babantwanyana bethu abangamambuka abamhlophe na? Niyabo? Manje, usoso wehansi ungoweqhude lehansi. Ngani,

abantwanyana bethu abamhlophe babanga inkathazo ephindwe kabili impela njengoba benayo. Kunjalo impela. Kukuphi na? Emakholiji akithi nezinto ezinjalo. Abanye babantu bakithi abafunde kakhulu ubangela lezozinto. Niyabo?

174 Awu, kuyini na? Manje, ukunikhombisa ukuthi ngubukhomanisi futhi hhayi labobantu abangamakhaladi, sebungene kanjalo-ke ubukhomanisi ukuba bengamele. Benza lokho kuzo zonke izizwe. Bakwenza kanjalo-ke, banilwise nodwa, ukuvukela umbuso, bese-ke bengamela ngaphandle kokudubula. Abafuni ukuqhumisa lelizwe; bayalifuna. Bangalingena njengomswenya wokhula. Futhi manje, balubonile udaba lokwenza lokho, futhi bayazi ukuthi ukuvukela umbuso okudala kwakuyini, futhi bacabanga ukuthi babezoqala okunye ukuvukela umbuso.

175 Ukufakazela ukuthi iphuzu lami licacile, emva kokuba sebenakho ukungabandlululani (banakho manje, ngokomthetho, ngokusemthethweni), babanga eningi inkathazo kunoma benza endaweni yokuqala. Niyabo? Kukhombisa ukuthi ngubukhomanisi futhi akusiyo leyomiphefumulo eligugu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu.

**426. Besingabe silokhu sivutha futhi sishumayela iVangeli, noma ngabe isikhathi sesedlule na?**

176 Qhabo, qhubeka nokushumayela nje kanzima impela ngawo onke amandla obungashumayela ngawo. Mfowethu, hlala nalo; ngisemva kwakho ngqo.

**427. Mfowethu Branham, ngenkathi uprofetha ngokuthi: awuyikudla amaqanda, ngahlali esigodini, ngabe lesosiprofetho sasingesakho nje noma senhlangano yebandla na?** Kulungile.

177 Eminyakeni eyadlulayo, cishe eminyakeni engamashumi amathathu eyadlula, nganikeza isiprofetho ukuthi kuyofezeka ukuthi ngezinsuku zokugcina ukuthi kuyoba khona izifo phakathi kwezilwane, phakathi kwezinkomo, namaqanda, ngisho nasemaqandeni. Futhi kuyafezeka, ukuthi kuyoba namaqanda angayikulungela ukudliwa. Futhi, kuyofezeka ukuthi abantu abakhe ezigodini. . . Manje khumbulani, ngaprofetha lokho emuva le eminyakeni engamashumi amathathu eyadlula, ukuthi kuyofezeka, ukuthi abantu abakhe ezigodini, ukuthi ngiyocela amaKristu athuthe ezigodini, nokuthi abayikudla. . . Izinyama ezehlukene nezinto ezinjalo, ziyoba nguphoyizeni. Kuyoba nengozi (ngikholwa ngendlela engaba nakho ngayo) ukuba abantu bakhe ezigodini.

178 Manje, lokho kwakungaphambi kokuthi babe nemisalela yezinhlayiya zokuqhuma kwenunzi noma bazi noma yini ngezinsalela zokuqhuma kwenunzi. Kodwa lowo kwakunguMoya oNgcwele ungexwayisa. Futhi khona manje,

ngisho nasezinkomeni zethu (nizibonile zisuka ezimakethe) zifuthwa ngeDDT bahlele into ethize emankomazini.

179 Qaphelani futhi, zonke lezizinto ezibhasteliwe nezinto abazenzayo ngokoqobo kubolisa isintu. "Amapesente angamashumi amathathu," amapesente angamashumi amabili noma amashumi amathathu, *iReader's Digest* yathi, "ezigulini esibhedlela sifakwa phakathi lapho ngenxa yodokotela." Bayokunika umuthi wokushaya lokhu ukukhiphe kuwe, futhi kumisa enye into ethize ngapha.

180 Futhi nike nawaqaphela amaqanda na? Ngonyaka odlule iziguli ezingamakhulu eLouisville naseJeffersonville agula futhi salaliswa esibhedlela ngokuhlanza ngokudla amaqanda izinkukhu esigodini lapha. . . Amaqanda avela ezigodini acosha imisalela yezinhlayiya zokuqhuma kwenunzi. Nokhula olunophoyizeni, nokunye nokunye, yonke into yonakalisiwe.

181 Kodwa nakhu lapho okuthola khona, mfowethu. Ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi kulotshiwe emBhalweni ukuthi—ukuthi akukho-kudla okufanele kwamukelwe ngaphandle kokuba kwemukelwe ngokubonga, ngokuba kungcweliswa ngeZwi likaNkulunkulu nomkhuleko. Niyabo? Uma ukudla, thana, "Nkosi Jesu, Ungilungisele ukudla. Manje, ngokukholwa ngiyakungcwelisa lokhu ukudla ekuqiniseni imizimba yethu." Bese uyakudla-ke, ngokuba kukho konke esikwenzayo kungokukholwa.

**Mfowethu Branham othandekayo, izizathu zesahlukaniso kumyeni odakiwe na?**

182 A—angithandi ukukhuluma ngalesosehlukaniso. Lokho—lokho . . . Ku, ngi—ngi—ngizokhuluma ngalokho kamuvana.

**428. Mfowethu Branham, Mfowethu** (Umzuzu nje. Lokhu kuqondene nomunye wabefundisi lapha. Ake ngikufunde kuqala. [UMfowethu Branham uzifundela yena umbuzo—Umhl.] Mm! Umzuzu nje. Awu, ngiyanitshela. Ngizokufunda noma kanjani.)—**Mfowethu Branham, uMfowethu Neville wangitshela ngesiprofetho ukuthi ISHO KANJE INKOSI ukuthi ngangizokwemukela uMoya oNgcwele. Engitshela ngalesisiqiniseko ukuthi ngangizokwemukela uMoya oNgcwele, Angikamamukeli namanje uMoya oNgcwele. Ngingaqhubeka . . .**

183 Yebo, impela! Yenza lokho. Qhubeka ukholwa.

Qaphelani, ngibiza . . . bengimi kwaMfowethu Wood izolo ngenkathi kungena ifoni ivela endodeni esesihlalweni esinamasondo, eza lapha inomthwalo ngomzalwane noma omunye umuntu owaye—owahlulwa wuphuzo futhi wedlula nakwabelapha abehlulwa wuPhuzo wathatha nemijovo, esibhedlela, nokunye nokunye; noMfowethu Neville, ukukhuluma ngezilimi noma ngandlela thize wanikeza i—

isiprofetho phezu kwalomuntu, futhi wanikeza isiprofetho ukuthi kwakuzokwenzeka into ethize kuleyondoda kube ngokuhle phakathi kwezinsuku ezimbalwa ezilandelayo, noma into efana naleyo. Nendoda yashaya ucingo yayisithi lendoda, sekuyizinsuku ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili manje, sekube yizo esibhedlela, ayikaphuzi nolulodwa uphuzo, noma ithathe esisodwa isidakamizwa ukuvimbela ukuphuza, noma yini. Nento uMfowethu Neville ayisho esiprofethweni yafezeka. Ayibongwe iNkosi! Sikholwa ukuthi uMfowethu uyindoda kaNkulunkulu.

**Mfowethu Branham othandekayo, ngabe labo . . .**

184 Manje ake nilinde, ake ngime lapho umzuzu nje. Manje, yilokho engizama ukukutshela abantu. UMfowethu Neville ukholwa uMlayezo ofanayo engiwukholwayo. UMfowethu Capps, uMfowethu Beeler, uMfowethu Ruddell, bonke lababafowethu ngakhona lapha bakholwa uMlayezo ofanayo engiwukholwayo; bayaWushumayela, ngokufanayo njengoba ngenza.

185 Futhi uma ufuna, ufuna ngempela, uzophuma, futhi uzophuma impesheni noma okuthize noma okunye, futhi ufuna ukuzela iZwi, woza lapha. Woza etabernakele, yilapho oWuzwa khona.

186 Lawa yindoda emesabayo uNkulunkulu. Ayindoda enoMoya oNgcwele ofanayo enginawo no—nonawo, sifundisa eBhayibhelini elifanayo noMlayezo ofanayo.

**Mfowethu Branham othandekayo, ngabe labo abayokhuluma ngezilimi insali . . .**

Ya, nginawo lowo. Ehhe, ehhe, nginawo lowo. Owazalwa ekhuluma ngezilimi.

**Mfowethu Branham, intshumayelo yakho ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngabe umbhaphathizo eGameni likaJesu . . .**

Ya, nginawo lowo. Ake sibone.

**429. Mfowethu Branham, iBhayibheli lisitshela ukuthi u—umfazi ufanele athobele umyeni wakhe. NgingumKristu nomyeni wami uyisoni. Ungihlupha ngazo zonke izindlela angazenza, nokuthi mina ngingayi enkonzweni, nokufunda iBhayibheli lami, futhi—futhi uphika iZwi. Ngifanele ngenzenjani na?**

187 Ufanele wenzenjani na? Manje, lalela, ufanele uthobele umyeni wakho; lelo yiZwi. Manje, uma ekutshela futhi ala ukuba ufunde iBhayibheli, ukuba uye enkonzweni, noma into enjengaleyo, awudingi ukuba ukuthobele lokho, ngoba, "O—ngayikushiya uyise, unina, umyeni, umfazi, kumbe noma ngabe kuyini futhi aNgilandele, akaNgifanele." Kunjalo na?

188 Qhabo, unga . . . Indoda afanele . . . awu . . . Indoda ayifanele ukusebenzisa lelogunya phezu kowesifazane ngenxa yokuthi nje ingumbusi wakhe. UNkulunkulu ungumbusi wakhe ngaphezu kwakho, mfowethu. Niyabo? Futhi uma umkakho enza into engalungile, khona-ke ninga . . . khona-ke unelungelo lokumtshela, futhi ufanele akulalele. Kodwa awunalungelo lokumshaya, noma uhambe umhudula, noma—noma wenze lezozinto. Qhabo! U . . .

189 UNkulunkulu wenzela indoda umsizi, hhayi umata wasemnyango. Khumbula, u . . . Wayeyisithandwa sakho; ufanele njalo abe yilokho.

**430. Kunini futhi kukuphi lapho abantu bakaNkulunkulu beyobuthanela khona iZwi lokugcina na?**

190 KuKristu. Yebo! Okosuku lokugcina, bayobuthana kuKristu. Ningakukhohlwa lokho manje. Sinendawo yokubuthana; sinayo impela nje.

**431. Sibizwa . . .** (Manje, nanku lowombuzo ngolunye usuku.) **Sibizwa ngezinyoni ezingcolileyo, ngoba siya ebandleni likaJunior Jackson. Ngezinye izikhathi ngoba sikanye ne—ne . . . Akavumi ukwenza imigomo yebandla emisha lapha ebandleni. Ngabe singaphandle yini kwentando kaNkulunkulu ephelele ukwethamela lapho ngezikhathi na?**

191 Qhabo, mnumzane! Ngimkholwa uJunior Jackson eyindoda kaNkulunkulu. Sengivele ngikuchazile. Ngikholwa . . .

192 Manje, asivumelani phezu kwenqubo yebandla. Manje, ngikholwa ukuthi ekaJunior—Junior . . . Ngani e . . . Bangaki owazi uJunior Jackson na? Ngani, siyazi leyondoda iyindoda emesabayo uNkulunkulu. Iyawukholwa loMlayezo ngokufanayo nje njengoba ngenza, futhi iyazikholwa lezizinto. Ngokukhuluma ngokusobala, uJunior nami singobhuti nje, njengoba nje onke lawa amanye indoda enjalo lapha, uJ. T., no—noMfowethu Ruddell, noMfowethu Jackson, noMfowethu Beeler, nabobonke balaba abafowethu lapha; sonke, sindawonye. Manje, asi . . . singahle nje singaboni ngaso-linye (niyabo?), kodwa sikholwa loMlayezo ofanayo (niyabo?), futhi siyanamathelana. Nango uMfowethu Hume laphayana futhi, isithunywa senkolo, futhi o, abaningi kakhulu abehlukene, ngi . . . Ngezinye izikhathi angitholi ngisho nokuthi ngibabize ngamagama abo, kodwa ni—niyazi ukuthi ngiqonde nina empeleni, mfowethu. Impela.

**Ubungathanda ukudeda ekwenzeni ubunesi . . .**

193 Ngikubuzile lokho. Niyakhumbula na? Ngudadewethu onomoya omuhle othandekayo obefuna ukwazi ngokwenza ubunesi.

**Ngenkathi ngisemncane, ngangi . . . ngatshela wonke umuntu ukuthi ngangifuna ukuba ngumshumayeli.**

(Nginawo lowo. Nginawo lowo futhi.) **Manje-ke ufanele enzenjani ngenamhlanje na?**

194 Awu, lena yincwadi iletha evela e—esisebenzini esingumfundisi kaKristu, lokho akusikho . . . Yincwadi eyiletha eqondene nami. Ivela kuMfowethu Pat Tyler, omunye wabafowethu lapha ebandleni.

Yileyo yonke. Ayibongwe iNkosi. Ngiyanibonga bantu. Ngithola nje i . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . bamunye,
Izinduduzo zethu nomnako wethu.

195 Angazi noma uDadewethu Wilson usekhona yini endlini na? Ngimbone lapha. Uyazi ukuthi bengenzani esikhashaneni esedlule, Dadewethu Wilson na? Bengibuka izithombe ngenkathi sasibeka itshe legumbi. Ngibuke isithombe ngase ngibona uHope nami singakashadi. Bengingazi ngisho nokuthi . . . Ngiyakhumbula ngibona isithombe ngenkathi ngiphuma kwenye yezimpi zami, ngenkathi ngizuza ubumpetha. Ngabuka isithombe sami ngobunye ubusuku ngisengumqaphi wezinyamazane kahulumeni lapha eIndiana. Futhi ngicabanga ngebandla. Uyazi, ngiqagele akekho ngaphandle komuntu oyedwa ohlezi lapha kulobubusuku kuleloqembu osasele. Bangaki olapha kusukela esikhathini esabeka ngaso itshe legumbi emuva lapho ekuqaleni na? Phakamisa isandla sakho.

196 Mfowethu, Dadewethu Wilson, ngifuna u—ukunibuza into embili. Niyakhumbula ukuthi sonke saqala kanjani na? Uyalikhumbula iphansi elidala ngenkathi lonke lalisagcwele udaka na? Lalinamawindi amadala azamazamayo. Sasinamasente angamashumi ayisishiyagalombili ukuliqala. Enkulu inqwaba yokhula, konke lokhu kwakufana nehlathi njengasemva kwethu lapha ngenkathi silakha, itabernakele.

197 Sibuke sonke esathatha izifungo zethu futhi samasha sizungeza ialtare. Sibabonile befika behamba, omunye komunye. Nibaqaphelile labo abahlala noMlayezo, ukuthi bahamba kanjani na? Manje, cabangani ngalabo abasukayo eMlayezweni, ukuthi bahamba kanjani. Kucabangeni.

198 Manje silapha kulobubusuku, emva kwalo lonke leloqembu elikathathu kwesinalo lapha manje emihlanganweni yethu egcwele kunayo yonke. Kucabangeni, ngenkathi amabhasi ezikole ayepakwa ezweni lonke ngqo lapha kusukela ndawo zonke, kwenyuke futhi kwehle kulesisiza. Ngisho nokuchichima ekumisweni kwamathende phandle phakathi lapho ukukunakekela, ngisho noma kunjalo wawungeke uhlalise bantu-ndawo, ukubuthana ndawonye. Ngangisengumshumayeli ongumfana nje. Niyabo? Futhi kulezozinkulungwane esasinazo, kunabathathu bethu abasele phakathi lapha kulobubusuku.

199 Ngiyakhumbula Dadewethu Wilson lapho ngenkathi ngibizelwa eceleni kombhede wakhe ebulawa yi TB, opha,

kuze kuthi amashidi nokokushutheka umqamelo kwakubekiwe, kunegazi, ekhoneni. Ngiyakhumbula uMoya oNgcwele unqamula igazi. Izinsuku ezimbalwa kamuva ngambhaphathiza eMfuleni iOhio emanzini ano ayisi eGameni likaJesu Kristu, ngase ngimhlalisa kwingemuva lemoto yami evulekileyo, imoto endadlana elingene abantu ababili, ngase ngimhambisa esuka eUtica . . . Kwakungenjalo na? Esuka . . . [Udadewethu Wilson ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ya! UDadewethu Hope, umkami, udadewethu lapho, wayesesihlalweni esingaphambili semoto encane elingene abantu ababili, nomama wami noDadewethu Snelling ngemuva. Nginaso isithombe sabo, uDadewethu Snelling, uMama, nabo bonke, uNkk. Weber, uNkk. . . . umkhwekazi wami, sonke ezansi lapho, noMeda, intombazanyana encane nje emi phandle lapho, futhi manje, usengowesifazane osekhanda limpunga. [Udadewethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.]

200 Ngiyakhumbula ngenkathi babenosuku oluncane lwesithikithana ukuba sithole imali yethu yokuqala. Futhi ngiyakhumbula uHope emi ekhoneni. Wayeseyintombazane nje, cishe ishumi nesithupha; wayethengisa kanje, eveze lesisithikithana. Ebanika isithikithana. Wawufaka . . .

Kwafika isidakwa ezansi nomgwaqo; sathi, "Ngiyaxolisa, Nkosazana!" Sathi, "Uthengisani na?"

Wathi, "Lutho. Ngakho ngikunika lesisithikithana." Wathi, "Ngumnikelo wendlu yokukhonzela. Uma ufuna ukufaka noma yini lapha yomnikelo, sizama ukuthola imali eyenele ukuba sakhe itabernakele le . . . edolobheni." Wathi, "Uma ufuna ukufaka noma yini, ungakwenza, kodwa uma . . . "

Sathi, "Anginalutho."

Wathi, "Sithathe isithikithana empeleni." Sasithatha sase sisibuka. Ngakolunye uhlangothi kwakuthi—kwakuthi—kwakuthi, "Uyolichithelaphi iPhakade na?" Nangakolunye uhlangothi kwakunophawu lombuzo. "Uyolichithelaphi iPhakade na?" Umbuzo.

Sadiyazela sahlehla, sasibuka; sathi, "Nkosazana, ubuza umbuzo obalulekile!"

Wathi, "Kodwa ufanele uxazululwe!" Lokho kunjalo. Usemuke waya ngapesheya kwekhethini kulobubusuku. Ngiyawakhumbula amazwi okugcina awasho. Ngiyakhumbula ukuthi ngamtshelani; ngiyakukhumbula. Yebo, mnumzane!

201 Inqwaba yamanzi yehlele emfuleni. Sasivame ukuma phansi . . . Futhi ngaphambi kokuba size sibe ngisho nendlu yokukhonzela, sasivame ukuma futhi sibambe izandla bese sicula leliculo lapha. Sengiyalizwa nje. UMyrtle wayesengumntwanyana nje ngaleyonkathi. Nginesithombe sikaLeroy omncane emi phandle lapho, umntwanyanyana nje cishe.

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaphezulu.

202 Uma sicula lelo baningi ababo abalinde ngaleya ukufika kwaKhe.

. . . sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
(Niyathandana kanjalo na?)
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

203 Mfowethu Fleeman, ususondele ukuya lapho, awunjalo na? Bengicabanga nje, ngakwazi ngenkathi siya kwaMfowethu Roy. Uyabakhumbula abakwa-Adcocks na? NginoKenneth. Kwakungubani igama likadadewabo na? [UMfowethu Fleeman ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Nginaso isithombe sabo; sonke sasimi phandle lapho nezingalo zethu sigaxene, sizungeze ngaphambi kwendawo, uDkt. Roy E. Davis, umelusi. Kade ngibabuka esikhashaneni esedlule. UDok uze nezithombe ezindala. Kuthe nje ukungenza ngizizwe ngixakile ngempela phansi lapha. Manje lokho . . . abaningi babo sebashona (niyabo?)—sebashona. Akuzukuba kade kuzoze kube yithina esizoshona. Niyabo? Kodwa . . .

Kodwa nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

204 Niyamkhumbula uMfowethu Bosworth na? Ngaphambi nje kokuwela kwakhe, wasukuma ekamelweni, wahamba wanquma kwiphansi lendlu, wayesexhawula uyise, nonina, nababephendukile bakhe kuKristu. Iminyaka engamashumi amane, kwase kuyiminyaka engamashumi amane noma amashumi amahlanu bafa. Ubabone bemi lapho ekamelweni, ezama ukuba wonke umuntu ababone. Kwakuyini na? Indoda endala yase yedlulela kulelozwe lapho engangikhona embonweni ngalokho kusa. Kunjalo.

205 Ngibabonile laphaya; base bebasha futhi. Sisalokhu sixhumene enhliziyweni; sethemba ukuphinde sibonane futhi. Kunjalo. UNkulunkulu anibusise.

206 Kwenzekile ngabheka emuva endlini, ngikhuluma ngabangani bami abangamakhaladi, futhi ngibona uMfowethu noDadewethu Nash behlezi emuva lapho. Bengingazi ukuthi benilapho. Kwenzekile nje ukuba ngibheke emuva; basemuva le. Nalona omunye umfowethu ehlezi lapha . . . Ngabe lowo nguMfowethu onginika lokho kumemeza okukhulukazi emuva lapho kanye ngasikhathi, ohlezi ngapha na? Angisalikhumbuli igama lakhe. UMfowethu Wood uthe ubekhuluma naye.

Wathi, "Uyazi? Uma uMoya utheleka kimi, ngiyampompoloza 'Heyi!'" Wathi, "Ngithemba ukuthi angiphazamisi lutho." Uma ungampompolozi "Heyi!" kuyangiphazamisa. UNkulunkulu akubusise. Ngiyakuthanda mfowethu, dadewethu. Kunjalo.

207 Mfowethu Nash, Dadewethu Nash, niyazi ngiyanithanda. Yebo, mnumzane! Ningumfowethu nodadewethu kuKristu Jesu.

208 Bangani abanomoya omnandi abathandekayo, nanoma yimuphi omunye, ngigeje abanye babo, leyominyango ivulelwe nina lapha. Iminyango yaseZulwini iyovuleka nayo.

Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

Olwami . . . *Ukholo Lwami Lubuka Phezulu kuWe*, manje, njengoba sicula. Asilicule kanye futhi manje. Sekuyisikhathi sokuya ekhaya manje.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O, Msindisi omkhulu!
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku ngibe ngowaKho ngokuphelele!

Asizame lowo *Ngcwele, Ngcwele* futhi, nizomzama na? Sinike indlela, Dadewethu. "O . . ." Uyalazi na? Uyakhumbula ngenkathi oDadewethu Gertie bevamise ukulicula na?

209 Usuku lufela entshonalanga, amaZulu abusisa umhlaba; umhlaba uyabusiswa. Ngikuthanda kanjani pho ukushona kwelanga lakusihlwa, liyoshona, izinyoni sezenza ukumemeza kwazo kokugcina. Lokho kuzofika kuwo wonke owethu ngaleyonkathi. Ngicabanga ukuthi isikhathi sakusihlwa . . . Niqaphelile, umoya uyoyeka ukuvunguza; izinyoni ziyothula. Niyabo? Yizwe lifa, usuku luyafa ukuba luphinde luzalwe kusasa ekuseni. Kulungile, ake silizame manje uma singakwenza.

Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele, Nkosi Nkulunkulu onaMandla phezu konke.

Lee, yenyukela lapha umzuzu. Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi ngi—angicabangi ukuthi ngiyalazi ngaleyondlela. Ake ngilizame ngaphandle kwezinsimbi. Niyabo? Ake sibone ukuthi singalithola yini. Manje, ngiyazi . . . ngingahle ngilisho ngokungesikho. Niyabo? Ngisizeni manje, nonke, manje.

Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele, Nkosi Nkulunkulu esikhulu—isixuku!
IZulu nomhlaba kugcwele Wena;
IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
O, Nkosi ephezu konke! (Niyakuthanda lokho na? Lokho akwenzi yini okuthize kini na? Asilizame futhi!)

Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele, Nkosi
Nkulunkulu ophezu konke!
IZulu nomhlaba kugcwele Wena;
IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
O, Nkosi ephezu konke!

210 Ngiyakuthanda lokho, anikuthandi nina na? O, ngiyawathanda nje lawomaculo amnandi amadala. Kunokuthize ngalawomaculo engikuthandayo. Ningaba nawo onke amaculo enu amancane anqunyiwe eniwafunayo. Nginikeni lelo; ngiyalithanda lelo. *Dlula iVeyili eliDatshuliwe,* onke lawa amanye amaculo amahle njengalelo; ngiyawathanda lawomaculo. Ngicabanga ukuthi ukucula kuyingxenye yokukhonza (yebo, mnumzane!), ukucula izindumiso zeNkosi.

211 Kulungile, okweculo lokusikhipha, manje, iculo, lithi *Hamba neGama likaJesu*. Kwangathi iNkosi inganibusisa manje sisama.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokomalo,
O, lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje nanti ivesi engilithandayo, futhi liyisexwayiso kini nonke manje. Yenzani na?

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka; (Lalelani!)
Uma izilingo zikuzungeza, (Ufanele wenzenjani na?)
Vele nje uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

Size sibonane, size sibonane,
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (Size sibonane.)
Size sibonane, . . .

[Omunye uthi, "Ungangikhumbula emkhulekweni na?"—Umhl.] Nkosi Jesu, busisa umfowethu othandekayo, futhi umphilise manje eGameni likaJesu. Siphe khona, Nkosi.

